# YiMina

Ngibizwe ngesixhwanguxhwangu, ngakho-ke ngicabanga ukuthi ngiyiso ngokuhamba kwami, futhi. Ngicabanga ukuthi okokugcina ngilapha eLakeport kwakubanda kakhulu. Ngizokushaya ngqo kanye, uma nje ngilokhu ngizama. Phakathi kwakho konke lokhu ngijabule kakhulu ukusho ukuthi ngiyajabula ukuba lapha eLakeport futhi kulobubusuku. Selokhu ngezwa ukuthi ngangiza, ngani, bengibheke ngabomvu kulesisikhathi.

2 Idolobha elincane, emuva le lapha ezintabeni, kodwa abanye babantu abahle kunabo bonke engake ngahlangana nabo empilweni yami, kuhle nje, engikubiza ngokuthi, abantu abanomoya ophansi. Futhi ukuba nenhlanganyelo enjalo nabantu abanjalo, kungenza ngizizwe ngikahle ngempela.

3 U...UMfowethu Folst ubengitshela nje...Izolo kusihlwa ngenkathi ngingena, ngani, bengi...ihhotela labahamba ngezimoto lokuqala engifike kulo, ngani, ngicabangile, "Lena yindawo engizohlala kuyo." Futhi ngakho ngingenile, ngokuqinisekile ngokwenele bekunjalo, futhi ngisayine ikhadi elincane lapho ukuthi ngizobe ngihleli lapho. Futhi ngenkathi ngivuka kulokhu ukusa ngicabangile, "Awu, kungcono ngehle futhi ngibone ukuthi lendawo ibizani." Ngenkathi ngizwa ukuthi ibibizani, ngishintshe izindawo ngayo leyonkathi. UMfowethu Folst usanda kungitshela nje, uthe, "Kodwa sifuna uthokomale."

4 Ngithe, "Mfowethu, ngenani elinjalo, ngingaqoka ukukhempa ngaphansi kwesihlahla somsedari phandle lapha." Yebo, mnumzane. Ngi...Akunandaba, uma abantu bebandla bezimisele ukuyikhokha, akusibo ubuKristu uku—ukwenza izinto ezinjengalokho. Qhabo, mnumzane. Ngingaqoka ukuba nendawo encane nje—nje ehlanzekile, futhi yilokho kuphela okudingekayo, kunokuthatha into ethize i—ibandla lizofanele likhokhe into enjengaleyo. Qhabo. A—angi—angikuthandi lokho ngeChristian Business Men, njalo.

5 Ngifuna ukubabingelela futhi ngithi ngijabula ngempela ukuthi, ngiyabonga ukuthi iNkosi ingiphe umusa ngabo ukuthi bayongimema ngibuye. Lokhu kuthi ukube ngokuvele kwaqondana kancane, ngiyacabanga, ngifanele ukuba seJalimane manje, futhi mina, ngaphansi kobunzima, angikwazanga ukubaleka ukuba ngiye phesheya kwezilwandle, ngakho ngidingeke ngithathe lenyanga nelandelayo ukwenzela izinkonzo. Futhi ngiphuma nje lapha ukuzonivakashela nina bantu abakahle lapha, ukukhulekela abagulayo,

nokukhonzisa, nokubona ukuthi ngingamthola yini umuntu othile ozokwemukela iNkosi yethu ethandekayo uJesu.

6 Ngibe nombono nje, noma, kukhona okwenzekile kimi emavikini ambalwa edlule, mhlawumbe kamuvanyana enkonzweni nginganitshela ngakho. Futhi angikaze ngizizwele ngokufanayo futhi ngeke ngisazizwa ngokufanayo ngakho. Ngi, ngethemba ukuthi angenzi njengohlanya, kodwa ngineqiniso ukuthi ngabona iZulu. Futhi a—angifuni neze ukugeja lokho, futhi ngifuna ukuthola wonke umphefumulo engingakwazi ukuba uye lapho.

7 Ngi—bengihlala njalo, bekunokwesaba okuncane kokuthi bekuzokwenzekani kimi phakathi kwesikhathi engifa ngaso, bese-ke kufika uJesu, ngangihlale ngicabanga ukuthi ngangizoba nomzimba womoya. Angikaze ngithande noma yini eyisipoki njengaleyo, angikwazi nje ukukumela lokho. Ngakho ngi . . . Kwakungethusa njalo.

8 Kodwa ngokunye ukusa ekhaya lami kukhona okwenzekayo, nomkami lapho, nabantwana bami, nabo bonke, futhi angihambanga kude kakhulu, kude le kancane nje, futhi ngibonile, ngokwangempela, izigidi engishumayele kuzo, bonke bebasha futhi bephilile, futhi bengasoze bafa, futhi bangigaxa ngezingalo zabo. Futhi ngabheka emuva futhi ngazibona ngilele embhedeni, futhi nga—ngacabanga, "Ngabe lokhu yi . . . ?" Kwakuphelele nje, kuyi*nto ethize* nje.

9 Mina, ngenkathi ngazi ukuthi ngangifanele ngibuye, ngadabuka kakhulu, ngathi, "Impela angidingi ukuba ngihambe manje." Futhi abantu ebengibazi ukuthi babesindisiwe njengokuthi belapha eminyakeni engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala ngaphambi kokuba basindiswe, babebasha, futhi bebahle, futhi bengibiza ngomfowabo.

10 Mina, uma kuyilokho ngi—ngilungele ukuhamba noma ngasiphi isikhathi, akusikho ukukhathazeka. Kodwa khona-ke ngaqonda ukuthi iBhayibheli lalichaza ukuthini ngenkathi Lithi, "Uma lelidokodo lasemhlabeni lidilizwa, sinalo eselivele lilindile."

11 Uma ningikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe, bangane, lelo yiqiniso. Noma ngabe Kwakukuphi, angazi noma ngangikulenyama, noma ngabe ngangiphumile kuyo, angiqondile ukulingisa uPawulu oNgcwele omkhulu, kodwa noma Kukuphi, kwangathi uNkulunkulu anganipha ukuthi nonke nizoba lapho. Aku—akulutho engingakaze ngilubone, noma ngaba nombono, kumbe noma yini enjalo, kuvele nje kwaguqula impilo yami.

12 Osemusha, owesifazane omuhle emi lapho wayesanda kungibingelela nje futhi wangibiza ngomfowabo oyigugu.

Ngathi, "Angikuqondi lokhu."

13 Kwathi, “Wayesedlule emashumini ayisishiyagalolunye ngenkathi umholela kuKristu.” Kwathi, “Akasophinde aguge, akasoze a . . . akasoze adingeke afe, angalokothi agule,” kwathi, “yingalesosizathu ethe, ‘mfowethu oyigugu.’”

14 O, ukuba nje bengingahlala lapho kuphela kuze kube phakade! Nje, akukho izolo, akukho ikusasa, u—ulapho nje. Futhi akukho—akukho sono, akukho lutho olungenzeka ngesono, akukho lutho obekungaba yisono. Futhi yonke into yayiluthando oluphelele. Uma bengingazama ukuthi kwakungukuphelela, lokho bekungeke kuhlangabezane nakho, okuphakeme kakhulu, lokho bekungeke kuhlangabezane nakho, angazi nje, nginamagama engiwaziyo ngolwimi lwesiNgisi uku—ukuveza ukuthi iNdawo yayiyini. Angikaze ngibone, noma ngizwe, noma ngicabange noma yini enjengakho.

15 Manje, mhlawumbe kwakungumbono. Angikaze ngibe nombono onjalo, wamakhulu ezinkulungwane zemibono engibe nayo, angikaze ngibe nanoma yini enjengaleyo, ngoba bengimi eNdaweni lapha, futhi ngiyobuka emuva futhi ngibone umzimba wami ulele lapho embhedeni eceleni komkami. Kwakungakwelesishiyagalolunye, noma eleshumi, elesishiyagalombili, noma elesishiyagalolunye nqo ekuseni. Futhi ngangibuka emuva futhi ngikubone, futhi ngiyodlula ngisuka entweni ethize, futhi ngacabanga ukuthi ngangifile, futhi nje kude ngokwenele ngangingawubona.

16 Ngibuka kulomsamo kwabanye babangane bami olapha, omunye wabadikoni bebandla lethu, noma abaphatheli, njalo, uMfowethu Sothmann nabo, lesosithombe esathathwa, sathathwa khona lapha kulomsamo isikhathi sokugcina ngangilapho. Bangaki osewake wasibona na? Usho ukuthi awu . . . ? O, abambalwa nje, abantu nje abavela ekhaya ngqo. O, singesinye sezigqamile, iNgelosi efanayo yeNkosi ethathwe kulo lonke elaseJalimane, nandawo zonke, sathathwa imi khona lapha kulelipulpiti.

17 Kwenzekile ngaqaphela lezizimbali lapha, kwakukhona into ethize efana nayo ihlezi ngaphambili lapha, indoda ithatha isithombe ngaku*lolu*hlangothi, futhi Kwakulapho-ke, kuphelele nje, iNkosi yethu, njengoba beKungaba njalo.

18 Futhi ngakho sijabula kakhulu ukubuyela kulendawo encane futhi kulobubusuku. Manje, angifuni ukunigcina isikhathi eside kakhulu, ngoba ngiyazi ukuthi kuyashisa phandle lapho. Futhi angifuni ukunigcina isikhathi eside ukuze kuzonikhandla, futhi nokho ngiyacabanga ukuthi mhlawumbe, iNkosi ithanda, lesi yisikhathi sokuthi kukhona inkonzo entsha engizela ngaphambili, futhi mina, mhlampe, ngithemba ukuthi izoqala lapha. Nokho, ngizozama, ngayo yonke inhliziyo yami, ukukhulekela abagulayo ngendlela Angitshela ngayo kulomhlangano.

19 Ngabe ukhona lapha ongakaze abe komunye wemihlangano yami ngaphambilini na? Ake sibone izandla zenu. Ongakaze. . . O, he! Ngizodingeka ngishintshe indikimba yami. Kunabaningi kakhulu lapha ongakaze abe kweyami—emihlanganweni yami ngaphambilini, abangakaze, awu, khona-ke kungcono ngibuyele enkonzweni endala kulobubusuku, bese-ke ngiba nenkonzo entsha iqale kusasa kusihlwa.

20 Izincwadi ezincane phakathi lapha uhlobo loku, abafana unayo, iyakuchaza, uma ubungathola eyodwa. Futhi uma une. . .Ngicabanga ukuthi bazithengisa ngokufanelekile impela, zishicilelwe yi *The Voice Of Healing*, bese kuthi-ke zi, siyazithatha futhi sizikhiphele kubantu, sizithenga ngamasenti angamashumi amane ehlisiwe ezincwadini, zehle ngamaphesenti angamashumi amane, khona-ke sinenkokhelo yokuzithwala ngaphandle kwalokho. Siyazikhokhela ukuthi zithengisiwe futhi zithwalwa, futhi kukhona ukuthwalwa nezindleko; njalo siyalahlekelwa encwadini.

21 Khona-ke sihlala sisho lokhu, ukuthi uma noma ubani efuna eyodwa, engenayo imali, ngiye ngacela abafana, banikeni, noma kanjani, banikeni yona nje. Uma uke. . .Uma uyithola futhi uyifunde, ayibizi amasenti angamashumi amahlanu, noma ngabe uyikhokhele ini, ngiyakhohlwa nje ukuthi kuyini, bese-ke uyithumela emuva, ubuyise imali yakho, noma, uyigcine futhi ubatshele ukuthi ibingalungile, ngakho-ke sizokubuyisela imali, noma kanjani. Kungenye nje indlela, asinalutho lokuthengisa i, lokho, ukwenza imali. Abafana bathengisa amateyipu, futhi nje ashibhe ngakho konke.

22 Mina, ngaphambi kokuba ngibavumele bakwenze, ngakukhulumisana nomunye umvangeli, wayethola amadola ayisishiyagalolunye ngeteyipu, ngiyakholwa, wangikhokhisa ngawo. Bese kuthi-ke lababafana, ngicabanga ukuthi ngamadola amabili noma into efana naleyo abawathengisa ngayo, ngayo impela iteyipu edlula konke. Aqinisekisiwe, futhi, uma ingalungile, ngani, awudingi ukuyikhokhela. Imilayezo, imilayezo ehlukene engamakhulu amahlanu nento nje ishunyayelwe ezingxenyeni ezehlukene zezwe.

23 Uma ngingaphosisi, ngabe ngibuka uJack Palmer yonke indlela ezansi eningizimu na? Mfowethu Jack, wenzani phezulu lapha na? Ubungekho emhlanganweni wokugcina, ubukhona na? He, he! Leyondoda ivela ezansi le eningizimu Georgia. Ngicabanga ukuthi besifanele sithi, "Mayibongwe iNkosi." Ngabe kushisa kanje ezansi eGeorgia na? Akunjalo. Umswakamo kakhudlwana nje emoyeni yikho kuphela. Awu, lababantu baseCalifornia abakunaki, sebekujwayele.

24 Manje, bangaki phakathi lapha ongamaKristu na? Ake sibone izandla zenu, othanda iNkosi. O, bukani lapho,

ngiyakholwa ngamaphesenti ayikhulu. Ngijabule kakhulu ngalokho.

25 Manje, uma . . . Ngizoba nokufundwa kumBhalo futhi ngikhulume kancane kulobubusuku, khona-ke ngizo—ngizobiza umugqa womkhuleko futhi sizobakhulekela ngendlela esasivame ukwenza ngayo, khona-ke mhlawumbe kusasa ebusuku sizoqala ngenye inkonzo.

26 Manje, uma iNkosi ithanda, ngifuna ukukhuleka, uma nje nizobambelela kanye nami, ngizokhulekela wonke umuntu oza lapha ofuna ukukhulekelwa, niyabo, wonke umuntu, asiyikushiya noyedwa ngaphandle, niyabo, sizokhulekela wonke umuntu.

27 Esizama ukukwenza . . . Ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu akusho ukuthi amandla athize amakhulu, ukuthi omunye uzofanele aphulukise omunye, kodwa ngukukholwa ekuvukeni kukaJesu Kristu, uma singakholwa ukuthi Akafile, kodwa uyaphila. Nengqikithi yemikhankaso yethu njalo ngamaHeberu 13:8, "UJesu Kristu ngu*yena* izolo, namuhla, naphakade."

28 Bangaki kini maKristu okukholwayo lokho, ukuthi Unguye izolo na? Ngiyabonga. Lokho kusho ukuthi ningamaKristu angempela, lapho nikukholwa lokho. Manje, Akafile, kodwa Uyaphila.

29 Kade ngizungeza umhlaba, nakuzo zonke izinhlobo zezindawo, naphansi kwazo zonke izinhlobo zezimo, zonke izinhlobo zezinkolo, ngisanda kubungazwa yizinkolo eziyishumi nesikhombisa ezehlukene, futhi zonke zaphika ubuKristu, futhi nokho, phakathi kwabantu abayizinkulungwane ezingamakhulu amahlanu ebengikhuluma kubo eBombay, iNkosi uJesu Kristu nobuKristu banqoba phezu kwabo bonke kwafaka zonke izinyanga-mthakathi, nendoda engcwele, nakho konke okunye ehlazweni. Futhi ayikho indlela yokusho ukuthi bangaki abeza eNkosini uJesu, sasingenabambiswano phakathi kwamabandla, futhi nje sehlela phakathi izinsuku ezintathu, futhi yayingekho indlela yokusho ukuthi bangaki owasindiswayo.

30 Manje, sizovele sikhothamise amakhanda ethu manje, futhi sisondele kuNkulunkulu naseZwini. Manje, sizokhumbula ukuthi i, yonke into esiyenzayo inakho, nokufundisa kufanele kusekeleke phezu kwaleliBhayibheli, kwaziwe kusukela kuGenesisi kuya eSambulweni.

31 Baba wethu waseZulwini, siyajabula kulobubusuku ukuba sibe ngamaKristu. Angazi nje ukuthi bengingenzani ukuba bengingesuye umKristu, ngijabula kakhulu ukuthi Wangisindisa.

32 Futhi ngolunye usuku, noma ngabe kwakuyini eyenzeka kimi, futhi ngabona lowomphumela omkhulu ngenkathi Lowo owayekhuluma kimi wathi, "Lokhu ngababphendukile bakho

abasuka kweyakho—yakho, isithelo senkonzo yakho," ukuthi inhliziyo yami yagxuma kanjani!

33 Futhi ngacabanga, "O Nkulunkulu, uma bengingaphinda ngikuphile futhi, bengingazama ukukwenza ngokuphindwe kabili kakhulu. Ngiyoncenga futhi nginxuse ngakho konke okukimi ukuba ngithole abantu ukuba beze kuWe."

34 Manje, Baba, lapha kulobubusuku ngelinye ithuba, ukuthengwa kweGazi laKho kuhlezi lapha phambi kwami. Futhi ngisize, Baba Nkulunkulu, njengenceku yaKho, angazi ukuthi ngenzeni noma ngikwenze kanjani, ngithembele nje ihora nehora kuWe ungihola. Futhi bahlezi lapha, hhayi nje ukuba babonwe kulesisimo sezulu esishisayo kulobubusuku, beza ngesizathu esithize, balambile futhi bomile, bayaKuthanda, abaningi babo bayagula futhi befa, abanye bayahlupheka.

35 Kwangathi singedlale nje manje, kodwa kwangathi singangena ngqo phansi ebuqothweni obujulile eZwini, eVangelini, futhi sikhuleke ngakho konke okukithi, sizile ukudla futhi silinde kuWe, futhi sazi ukuthi Uzokwenza okwedlulele, ngokuchichimayo, ngaphezu kwakho konke ebesingakwenza noma sikucabange, uma nje sizozinikela kuphela kuWe, futhi sihlose enhliziyweni yethu, njengoba kwenza uDaniyeli eBabiloni, ukuthi asizukuzingcolisa ngokungakholwa, kodwa sizovumela uMoya oNgcwele ususe konke ukungakholwa kithi, futhi sikholwe kuYe ngazo zonke izinhliziyo zethu.

36 Sisondela eZwini manje nje, khuluma kithi, Baba, ngeZwi laKho. Ngokuba ngiyakucela, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

37 Ngifisa ukuba niphenye, kulobubusuku, eNcwadini kaMathewu oNgcwele, futhi asithole isahluko 14, uma nithanda, eNcwadini kaMathewu oNgcwele, ngifuna ukuqala ukufunda ngevesi lama 22:

> *Wayesecindezela masinyane uJesu abafundi bakhe ukuba bangene emkhunjini, bamandulele ukuya phesheya, aze amukise izixuku.*
>
> *Esezimukisile izixuku, wenyukela entabeni eyedwa ukuyokhuleka: sekuhlwile, wayeyedwa lapho.*
>
> *Kepha umkhumbi wawusususukile usuphakathi kolwandle, ushukunyiswa ngamaza: ngokuba umoya wawuphambene nabo.*
>
> *Ngomlindo wesine wobusuku uJesu weza kubo, ehamba phezu kolwandle.*
>
> *Kepha abafundi sebembonile ehamba phezu kolwandle, bashaywa luvalo, bethi, Yisithunzi; bakhala ngokwesaba.*
>
> *Kepha* uJesu masinyane. . .*Kepha uJesu wakhuluma kubo masinyane, wathi, Yimani isibindi; yiMina; ningesabi.*

Kwangathi iNkosi ingenezela izibusiso zaYo ekufundweni kweZwi laYo.

38 Ngifuna ukuthatha okwendikimba, ukudonsa ingqikithi kulelovesi lama 27: “Ningesabi, YiMina.” Namagama engifisa ukuwasebenzisa athi *YiMina*.

39 Kufanele ukuthi kwakukade kungalapha cishe ngalesisikhathi sokuhlwa, ilanga nje seliyashona ngenkathi ngamunye wabo ethathe indawo yabo ko—kokokubamba isigwedlo esikebheni sabo. Futhi ulwandle oluncane, njengoba bengihlezi kulentambama, ngicabanga lapho ngibuka ngaphesheya kwechibi, kufanele ukuthi kwakuyinto efana naleyo, iGalile ithi ayibe yilowosayizi, futhi mhlawumbe ithe ukuba banzi kancane.

40 Nomdobi omkhulu nezinkonyane zakhe, imisipha emikhulu iqala ukusonteka esikebheni, lapho efuqa i—ingaphambili elicijile lesikebhe lingene echibini. Ekhwela phezu kwabo bonke abanye abaphostoli, futhi ephakamisa izinyawo zakhe ngase—ingaphambili lesikebhe, wahlala phansi, mhlampe, eceleni komfowabo, u-Andreya, nabangani bakhe abahle.

41 Futhi ikakhulukazi enhlanganyelweni yobuKristu, kukhona okuthize mayelana nokuthi lapho uke waba neqembu labantu lapho uJesu ekhona, kul’khuni kakhulu ukusuka kulabobantu. Kukhona okuthize nje okusishisela ndawonye, njengoba sihlezi ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu. Umuzwa onje pho ukuba abantu babuthane ndawonye kuleyonhlanganyelo neNkosi uJesu!

42 Yilokho ababekujabulele ngalolosuku. Nezinkulungwane zazimi osebeni, abantu abayizinkulungwane ezinhlanu noma ngaphezulu, futhi babevayizela bevalelisa. Futhi njengoba kunjalo enhlanganyelweni, kul’khuni nje ukuthi sihlukane.

43 Futhi sasivame ukucabanga ngeculo elidala esasivame ukulicula ebandleni eminyakeni edlule ngenkathi ngelusa elincane, itabernakele leBaptisti edolobheni lakithi, eJeffersonville, e-Indiana, sasivame ukucula leliculo elidala:

> Libusisiwe igoda elibophayo
> Izinhliziyo zethu othandweni lobuKristu;
> Inhlanganyelo yomqondo ofanayo
> Injengalokho ngaPhezulu.
>
> Nxa sehlukana ingxenye,
> Kusinika ubuhlungu bangaphakathi;
> Kodwa siyolokhu sixhumene enhliziyweni,
> Futhi sethemba ukuphinde sibonane.

Abaningi benu ulizwile leloculo elidala, lingelidumile, iculo elidala lebandla, belithandwa phansi eminyakeni.

44 Futhi lapho bevayizela bevalelisa kulabo ababesogwini, futhi lapho umkhumbi omncane emanzini athule untanta indlela

yawo uphumela olwandle, ubumnyama buqala ukuthatha ngaphesheya kolunye uhlangothi ngaseGadara, futhi babe, ithunzi liwela emanzini, umkhumbi omncane wawucishe ungabonwa kubafundi, noma, abantu osebeni, lapho abafundi bephume bengena echibini.

45 Ngikholwa ukuthi kufanele ukuthi kwakuthule kancanyana impela, mhlawumbe ake sithi imizuzu eyishumi ngaphambi kokuba noma ubani akhulume noma imaphi amanye amazwi, lapho umkhumbi omncane ushushumba, futhi umphostoli ngamunye, ene—isigwedlo, nje, futhi beshintshana nje ngesikhathi.

46 Futhi lapho sifunda isifundo, futhi: Kulomkhumbi omncane ontweza olwandlekazi olunzima lwempilo, esihamba kuwo, uma nje sizodonsa ndawonye, umkhumbi uzohamba kangcono kakhulu. Uma iBaptisti, nePresbyterian, nePentecostal, i-Assemblies of God, neChurch of God, nakho konke, kuzodonsa ndawonye nje, umkhumbi omncane impela uzohamba bushelelezi.

47 Futhi lapho besusa umkhumbi omncane ubheke ngakolunye ugu, esiphethweni sabo, kufanele ukuthi kwakunguJohane omncane, wayengomncane kunabo bonke phakathi kwesixuku, owaphulula izinwele ezimahlikihliki ebusweni bakhe, futhi walinda umzuzwana nje lapho ephumule phezu kwezigwedlo zakhe. Abazalwane balinda futhi bamangala ukuthi wayezothini. Khona-ke ufanele ukuthi waphenduka nento enjengale, wayesethi, "Bazalwane, ngeneliseke kakhulu kunanininini, kulobubusuku, ukuthi asilandeli uhlobo oluthize lohlanya lwenkolo. Ngiqiniseke kakhulu kunalokho engake ngaba yikho kuyo yonke impilo yami ukuthi silandela iNdodana kaNkulunkulu yeqiniso. Ngikholiseke kakhulu namhlanje kunanininini.

48 "Njengomfana omncane, ngangivamise ukuthanda ukuzwa umama wami efunda ngoJehova omkhulu, OwayenguNkulunkulu wamandla, Owayengenza izimangaliso, futhi akhulume izinto zibe khona, futhi adale ngeZwi laKhe uQobo. Futhi umama wami wayevame ukungitshela, 'Ndodana, zonke izinto zenziwa nguNkulunkulu, futhi Wavele wakukhuluma kwabakhona.'

49 "Futhi khona-ke ngangivame ukuthanda ukuzwa leyondaba, ngenkathi abantu bakithi basendulo bephuma eGibhithe, iminyaka engamashumi amane ehlane, ukuthi uJehova wabahola kanjani. Futhi ngenkathi sebelambile, uJehova wavele nje wanisa isinkwa sehla sivela eZulwini. Futhi njengomfana omncane ngangivame ukucabanga, ukuthi ngingathanda kanjani ukuba uJehova anise phansi okunye kwalokho kudla kweNgelosi manje, ngoba Lathi,

'Kwakuyizingcwecwana ezinoju,' futhi ngingajabula ukukuthola.

50 "Futhi uyazi namhlanje, ngenkathi ngiMbona ethatha lezozinhlanzi ezinhlanu, noma, izinkwa ezinhlanu nezinhlanzi ezincane ezimbili, futhi wapha abantu abayizinkulungwane ezinhlanu, ngazile ukuthi lokho bekufanele kube nguJehova, ngiyazi akekho omunye obengenza lokho.

51 "Futhi, bazalwane, ngagaqa ngakhuphuka ngasondela kulelodwala, ngenkathi ngibona lowomfanyana, ukuthi si... usilandelile ezansi lapho kulokhu ukusa, ubekade ebalekela ukuya esikoleni, yena nodadewabo omncane, futhi wayenalokhu kudla kwasemini ekhwapheni lakhe, futhi ngenkathi ngibona uPetru lapho embuza ngalokho kudla kwasemini ngenkathi wonke umuntu wayelambile, futhi kwanikelwa ezandleni zeNkosi yethu, ngacabanga ukuthi kwakungukudla okwenele kanjani nje phakathi lapho ukuphakela lowomfanyana idina lakhe. Kodwa ngenkathi kwakusezandleni zikaJesu, kwakungaphakela izinkulungwane ezinhlanu futhi kubuthe obhaskidi abaningana abagcwele izingcezu."

52 UNkulunkulu angakuphindaphinda kanjani esikubeka ezandleni zaKhe! Ezandleni zethu akukuningi kakhulu, ezandleni zaKhe Uyakwandisa ngezinkulungwane. Uma kuphela singaMvumela abe nalokho okuncane esinakho, isikhathi sethu, ukunaka kwethu, ukukholwa kwethu kungahle kungabi kukhulu kakhulu, njengodadewethu ohlezi lapha, omunye ephethe induku yokuqhugela nomunye ehlezi esihlalweni esinamasondo, nendoda eyigugu ihlezi ingibuka lapho, nenduku yokuqhugela nesihlalo esinamasondo, kungahle kungabi njalo, ukukholwa okuncane onakho kungahle kungabi kukhulu kakhulu, kodwa uma kuphela kungangena kanye ezandleni zikaKristu, lokho Abengakwenza ngakho! Izihlalo ezinamasondo beziyoqhutshelwa phezulu zincike odongeni, behle ngezitaladi kusasa bedumisa uNkulunkulu, bebonga uNkulunkulu.

53 Abaningi behlezi lapha, bebulawa yinkathazo yenhliziyo, umdlavuza, noma kungaba yini, ezinsukwini ezimbalwa kusukela manje ungahle ubuyele kudokotela wakho, futhi uyothi, "Awusho, kwenzekeni lapha na?"

54 Kuyini na? Lokho okuncane obewunakho, ukunikele ezandleni zikaKristu futhi Uqala ukukuphindaphinda, umdlavuza uqala ukusuka, inhliziyo iqala ukubuyela endaweni yayo efanele futhi ishaye kahle futhi. Myeke nje abe nakho esandleni saKhe.

55 Wathi, "Ngenkathi ngiMbona ethatha lawomabhiskidi amahlanu ne—nezinhlanzi ezimbili futhi wazihlephula, ngagibela edwaleni ngase ngibuka ngale ukuba ngibone ukuthi Wakwenza kanjani. Futhi ngangibona lolocezu lwenhlanzi

esandleni saKhe, Wayeluhlephula futhi alibeke *ngapha*, futhi ngenkathi Ebuyela emuva futhi, kwakuyoba nenye inhlanzi lapho, hhayi inhlanzi kuphela emanzini, kodwa inhlanzi isivele ikhulisiwe, futhi yaphekwa, futhi isilungele ukuhamba, isilungele ukudliwa. Futhi ngenkathi ngiMbona ehlephula lowolofu omncane wesinkwa kabili, wawendlala lapha, kodwa ngenkathi Ebuyela emuva futhi bekukhona omunye ulofu usulungele ukuhleshulwa futhi."

56 O, Wayengasikhulisa kanjani isinkwa! Ngifuna ukubuza, uma bekungabakhona usosayense lapha, "Hlobo luni lwe-atomu Aludedela ngalesosikhathi ukwenza ukolo ojwayelekile, kusobala?" Kwakuyilelo elifanayo Alidedela ngenkathi Ephendula amanzi aba yiwayini.

57 UnguNkulunkulu, Wenza lokho Afuna ukukwenza. Futhi Uyavuma ukwenza zonke izinto futhi asinike ngokwedlulele, ngokuchichimayo, okungaphezu kwalokho ngisho ebesingakucabanga uma nje sizoziyeka sidedelwe ekukholweni kuYe; yilapho okulele khona, ngukuba nokukholwa kuYe ukukholwa ukuthi Angakwenza. "Ngokuba konke kungenzeka kwabakholwayo," akunandaba ukuthi kuyini, kuyenzeka. Futhi akusikho kuphela ukuthi kungenzeka, kunokwezeka, futhi kuzokwenzeka, uma nje uzokukholwa.

58 Manje, noJohane osemncane, lapho ebuka phansi lapho, wayesethi, "Ngibonile-ke ukuthi Wenza okuthize, Wenza okuthize ngendlela efanayo uJehova akwenza ngayo. Ngase ngiMuzwa ethi, bazalwane, ukuthi 'Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa, kodwa uma Ngenza imisebenzi kaBaba waMi, futhi ningenakuNgikholwa, khona-ke kholwani yimisebenzi.'"

59 Kuphelele kanjani lokho! Lokho kusebenza kanjani kunoma yimuphi unyaka! Inqobo nje uma uJesu esaphila kulobubusuku, UnguNkulunkulu kakhulu nje kulobubusuku njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi, ngokufanayo nje. Niyabo?

60 "Wathi, 'Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi,'" uJohane osemncane kufanele ukuthi wathi, "Ngafunda eBhayibhelini lapho uJehova engenza khona isinkwa siphume emaZulwini, wayengadala isinkwa emaZulwini, futhi asithumele emhlabeni, futhi, bazalwane, lesosinkwa sadingeka sivele eZulwini, ngoba ngiMbonile esihlephula futhi esinikezela. Futhi ngikholisekile ngakho konke okusenhliziyweni yami, ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu ophilayo." Yebo.

61 Kufanele ukuthi wakusho kanjani lokho lapho izinyembezi zigingqika zehla ezihlathini zakhe ezincane! Akazange akukhohlwe. Akazange akukhohlwe, ngenkathi eseyikhehla wayezodingeka athwalwe ayiswe emsamo, ashumayele nje intshumayelo emfishane abayisho cishe amahora amane, ukuthi, yena, wayesalokhu emcindezela, ukuthi

uyamthanda, ayengakhuluma ngakho kuphela kwakungukuthi, "Bantwanyana, thandanani," akuphinde nje, "bantwanyana, thandanani, ngokuba othandayo ungokaNkulunkulu, ngokuba uNkulunkulu uluthando," ukuthi kuthatha uthando lwangempela ukudala.

62 Uthando, wazisa umkakho ukuthi uyamthanda, uyakuthanda, kuzo, lapho niyizithandani ezisencane futhi nithola umusa komunye nomunye, kunenza nizihlanganise ndawonye ohambweni lwempilo yonke, uthando. Futhi lolo wuthando ifiliyo, lolo wuthando lomuntu, uthando lwe-Agapawo beluzokwenzani lapho ngempela ungangena endaweni ukuthi ungakhombisa uNkulunkulu ukuthi uyaMthanda futhi unokwethemba kuYe na? Uyozijoyina kanjani wena uqobo kuYe, hhayi kuphela uhambo lwempilo, kodwa iPhakade! Ukuthi uvuma kanjani ukuthatha iZwi laKhe, kulokho nje Akushoyo, futhi uthi, "Kunjalo, Nkosi, angikubuzi," qhubeka ngqo! Yilokho okuthatha uthando lwangempela.

63 Futhi uJohane omncane, lapho ehlezi lapho nezandla zakhe ziphumule phezu kwezigwedlo, mhlampe-ke omunye wacosha izigwedlo futhi baqala futhi. Kwase kuhwalala manje.

64 Khona-ke khona, emva kokuba uJohane osemncane esethole ukusho kwakhe kanjalo, kufanele ukuthi kwakungumphostoli, uPetru, omkhulu, umdobi onezinkonyane ehlezi phezulu ngasesikebheni, ngemuva kwesikebhe lapho avele aphusha khona umnsalo, futhi wagxumela kwingemuva lesikebhe saso, wayesehlala phansi eceleni komfowabo u-Andreya, ufanele ukuthi wama ukuba abe nobakhe. . .

65 Niyazi, sonke sifanele nje sibe nobufakazi obuncane kanye ngankathi, lapho sihlangana ndawonye. Ngisawuthanda namanje (Aniwuthandi na?), umhlangano omuhle wobufakazi.

66 Futhi ngakho, kufanele ukuthi kwakungumphostoli uPetru owangasakwazi ukuzibamba, futhi wathi, "Awu, bazalwane, ngi—ngifuna ukufakaza, nami. Ngenkathi u-Andreya lapha, umfowethu, wayenyuke ukuyovakashela lona, *obizwa* ngomProfethi waseGalile, njengoba wayehamba ezungeza, ngangimzwile umpristi wami esho ethempelini kwakungekho lutho kukho ngoba uNkulunkulu wayengasenabaprofethi, futhi—futhi ngangizwe zonke izinhlobo zamahemuhemu okuphulukisa, kanjalonjalo, kodwa a—angikukholwanga.

67 "Kodwa ngolunye usuku ngenkathi sigeza amanetha ethu loMfo wehlela o—ogwini ukuzoshumayela, ngase-ke ngizitholela isinqamu ngase ngibuyela emuva phezulu eceleni kosebe, ngase ngihlala phansi. Kodwa ngenkathi Eqala ukukhuluma, kwakukhona *okuthize* ngaYe okwakwehlukile kunoma yimuphi umpristi noma umshumayeli engake ngakuzwa."

68 Futhi, mfowethu, lapho uke wahlala wathula ngokwanele futhi ulalele, uze uzwe leloPhimbo elincane elihashazayo

likaKristu, Kwehlukile kunoma yimuphi umlayezo owake wawuzwa empilweni yakho. Kuletha ukuthula, Kuletha ukwaneliseka, Kwenza *okuthize* kuwe okushukumisa umuntu wakho ongaphakathi impela, awusafani neze. Umuntu akakwazi ukuhlangana noNkulunkulu futhi akhulume noNkulunkulu, futhi ake ahlale efana futhi.

69 Manje, wathi, "Kodwa ngenkathi . . . Nganginakho konke enhliziyweni yami." Wathi, "Emva kokuba sengimazi owami omesabayo uNkulunkulu, ubaba omdala, owayengumFarisi, njengoba nina bazalwane nonke nazi ukuthi wayengumFarisi, kwase kuthi-ke, lapho esegugile, ngiyakhumbula ukuthi wayevamise kanjani ukuhlala emva kokudoba usuku kulelichibi, wayehlala phansi ngasejikeni ngaleya, lapho esasivame ukudonsa khona amanetha, ngolunye usuku wangiqukula ezingalweni zakhe wayesethi kimi, 'Simoni, mfana wami omncane, uBabayi uzodingeka akushiye ngolunye lwalezizinsuku, ngiphendulela konke, isikebhe sami, nensimbi, nayo yonke into, kuwe.'"

70 Njengoba ngibuka umfanyana wami uqobo, uJoseph, futhi ngicabanga into efanayo, ngoluny'usuku ngifanele ngiphendulele iBhayibheli kuye, nakho konke lokho—lokho enginakho.

71 Futhi wathi, "Njengoba ubaba wami wayephusha izinwele ezimpunga zisuke ebunzini lakhe, nentshebe yakhe emhlophe, wathi, 'Simoni, hlala phansi, ngifuna ukukuyala, ndodana yami. Yonke iminyaka besilindile, abantu bakithi bebelindele lowoMesiya ozayo. Futhi manje sesidwebe izincazelo eziningi, futhi, zokuthi Uyobukeka kanjani lapho Efika, egibele ehla ephuma eZulwini, manje, enqoleni, eqhutshwa yiziNgelosi, noma amahhashi, noma okuthize, sinezincazelo eziningi, kodwa Simoni, lowo akazukuba nguMesiya ozayo. Lapho uMesiya efika, Uzofika ngendlela ehlukile kulokho noma yimuphi worabi bakithi abakucabangayo.

72 "'Manje, Simoni, ngifuna ufunde imiBhalo, ngoba imiBhalo njalo ikhuluma iqiniso. Manje, nansi into eyodwa ongayikhumbula: Lapho Efika, Uzonqatshwa, Uzoba yiNdoda enqatshiwe, ngoba wonke uMlayezo weqiniso kaNkulunkulu uhlala njalo wenqatshwa, bekulokhu kunjalo, kuyohlala kunjalo. Uzonqatshwa ngabantu a—abaningi ngesibalo, bazowenqaba.

73 "'Manje nakhu lapho ozothola khona: Kungahle kubekhona oMesiya abaningi bamanga abavukayo ngaphambi kwesikhathi sakho, Simoni. Bengihlala njalo ngicabanga ukuthi ngiyophila ukuba ngiMbone. Kodwa sengigugile, futhi mhlawumbe ngeke ngikubone. Kodwa, Simoni, ungakuvumeli lokhu kusuke kuwe, nxa uMesiya efika, Uyoba ngumProfethi, Uyoba nguNkulunkulu-mProfethi, ngoba, Simoni, uMose, lo esilandela

iziyalo zakhe manje, washo ezwini lakhe, okungukuthi wayengumprofethi, wathi, "INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa umProfethi onjengami." Futhi manje khumbula lapho uMesiya efika, Uyoba ngumProfethi njengoMose, kodwa Uyoba ngaphezu komProfethi, Uyoba nguNkulunkulu-mProfethi, Kuyoba nguNkulunkulu kumProfethi, eZibonakalisa.

74 "'Futhi lapho ubona lesosibonakaliso esikhulu, manje, abantu bayasukuma futhi bathi bayi*lokhu*, *lokho*, noma *okunye*, ungakukholwa, Simoni, kodwa lapho ubona uNkulunkulu esebenza isibonakaliso somprofethi, ngoba lokho kuzoba yisibonakaliso sikaMesiya, kuzoba yisibonakaliso somprofethi, ngoba uMose wathi, "INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa umProfethi onjengami, uMnikezeli-mthetho, umPristi, iNkosi, umProfethi. Futhi kuyakuthi yilowo nalowo ongayikumuzwa lomProfethi uyakunqunywa e, phakathi kwabantu."

75 "'U-Isaya wathi Uyonqatshwa, iNdoda yosizi, ejwayelene nosizi, siyofihla, njengoba kwakunjalo, ubuso bethu. Manje, ungakholwa yinkambiso yesimodeni yaKhe, Simoni, kodwa qaphela lesosibonakaliso sikaMesiya, Uzoba ngumProfethi.'

76 "Futhi bazalwane, ngalolosuku sihlezi esinqamini," washo ku, mhlampe, kubaphostoli njengoba sinikeza umdlalo wasesiteji omncane, "Ngahlala lapho futhi ngabhekisisa futhi ngalalela loMuntu, Wayeyi—yiSikhulumi esinamandla kakhulu, Akakhulumanga njengomunye wabapristi baseBhayibhelini, basemiBhalweni egoqwayo, Wakhuluma ngegunya. Futhi ngenkathi Ekhuluma, Wabonakala enokuzethemba okuphelele kulokho Athi kwakuqinisile, ngakho-ke ngiqala ukuthi ukuMthanda.

77 "Khona-ke khona manjalo, Waphenduka wayesengibuka ngihlezi kulesosiqu, wayesethi, 'Igama lakho unguSimoni, futhi uyindodana kaJona.' Lokho kwafakazisa kimi ukuthi WayenguYe uNkulunkulu ayezomthumela, Wayeyilowo Nkulunkulu-mProfethi. Ngokuba Wayengazi mina kuphela, igama lami lalinguSimoni, kodwa Wayemazi lowo omesabayo uNkulunkulu, ubaba wami omdala. Wathi, 'UnguSimoni, futhi uyindodana kaJona,' ubaba wami, ngakho-ke, ngangazi ukuthi ubaba wami wayengiyalile ngeBhayibheli, futhi manje iBhayibheli laliyiqiniso eliphilayo ukuthi Wayelapha engibiza ngegama, ongakaze angibone ngisho empilweni yaKhe.

78 "Engakaze ezwe ngami, engazi lutho ngami, futhi lapha Ungibiza ngoSimoni, akusikho lokho kuphela, kodwa Wakhuluma ngobaba wami uqobo omdala osehambe iminyaka engamashumi amahlanu, wathi, 'Uyindodana kaJona.' Ngenkathi Esho lokho ngawa ezinyaweni zaKhe, ngoba ngazi ukuthi Lowo kwakunguMesiya." Amen.

79 UMesiya izolo. Ubeyoba yini uMesiya namhlanje uma Enguye izolo, namuhla, naphakade na?

80 Awu, kufanele ukuthi kwakungalesosikhathi, isikhathi sikaFiliphu, ukumela ubufakazi esikebheni, njengoba kwase kucishe impela kube mnyama ngaleyonkathi, cishe kunethunzi. NoFiliphu wasukuma, wayesethi, "Mfowethu Nathanayeli, uyangifakazela ngalokhu, ngama lapho futhi ngabona iNkosi yethu itshela uSimoni lapha, ukuthi igama lakhe kwakunguSimoni, wayeyindodana kaJona, lokho kwangisiza, nami. Futhi nganginomfowethu owayengowehlelo elikhulu elalibizwa ngabaSadusi, ngakho nga—ngaya ukuyombona, futhi kungamamayela cishe ayishumi nanhlanu ukuzungeza intaba.

81 "Ngaya ngale ngokunye ukusa, kusesekuseni, ngavuka, ngadla ukudla kwami kwasekuseni, ngase ngisuka nginqamula intaba ngamandla ami onke, futhi ngaya ngale, futhi sekuthi akube leyithi kusihlwa ngiyafika, noma, ntambama ngafika endaweni lapho engazi khona ukuthi lendoda yayihlala khona. Futhi ngangqongqotha emnyango, nomkakhe wathi, 'Usanda kuvakashela kwesakhe i—esixhobeni sakhe semithi, futhi uphandle lapho phakathi kwezihlahla, ndawondawo. Filiphu, uzomthola phandle lapho.'

82 "Ngakho ngaphumela phakathi kwezihlahla zakhe, futhi ngenkathi ngiphumela lapho ngezwa umsindo. Ngase ngihamba ngibuka phansi komkhiwane, futhi nango wayeguqe ngamadolo, ekhuleka."

Khona-ke ngahle ukuba wathi, "Uyakukhumbula lokho, Mfowethu Nathanayeli na?"

"Amen. Ngiyakukhumbula."

"Futhi ngalinda waze waqeda ukukhuleka, ngase ngithi kuye, 'Woza, ubone ukuthi Ubani esimfumene, uJesu waseNazaretha, indodana kaJosefa.'

83 "'O,' wathi, 'manje awume kancane. Yini lena oyishoyo na? Manje, buka Nathanayeli, ngiyakwazi wena, ubuyindoda elungileyo, futhi uboshwe kakhulu ngokomBhalo, ungachezukeli ekugcineni okujulile, manje. Manje, wenzeni na? Ungitshela ukuthi lomProfethi waseGalile abakhuluma ngaye unguMesiya na?'

84 "'Lalela, Nathanayeli, ngaMbona, futhi ngaMuzwa enza isibonakaliso sikaMesiya. Siyazi ukuthi uMesiya uzoba nguNkulunkulu-mProfethi. Futhi ngiMbonile ema . . . Uyamkhumbula lowomdobi omdala owathenga inhlanzi ezansi echibini ngalolosuku, ogama linguSimoni na?'

"'Yebo, ngiyakukhumbula.'

"'Wayengafundile kakhulu, wayengakwazi ngisho nokusayina irisidi yezinhlanzi.'

"'Ngiyakukhumbula lokho.'

85 "'Kwathi nje angakhuphukela eBukhoneni baloJesu waseNazaretha, Wathi, "Igama lakho unguSimoni, futhi

uyindodana kaJona.”’” Wathi, “‘Manje, Filiphu, noma, Nathanayeli, ngifisa sengathi ubungahlola umBhalo. Akusiso isibonakaliso sikaMesiya leso na?’

86 “Futhi wathi, ‘O, impela uMesiya uzoba ngumProfethi, siyakwazi lokho, siqeqeshiwe kulokho. Kodwa singamtholaphi uMuntu onjalo na? Ngabe kukhona . . .? Uvelaphi na?’

“‘Uvela eNazaretha.’

“‘Nazaretha? Kungaba khona okuhle okuvela eNazaretha na?’”

87 Ngikholwa ukuthi wamnika enye yezimpendulo ezedlula zonke noma yimuphi umuntu angayinikeza omunye, wathi, “Woza ubone.”

88 Leyo yinto engcono ukwedlula zonke ukuba yenziwe. Manje, ungahlali nje ekhaya bese uthi, “Awu, abakwaJones basho *ukuthi-nokuthi*.” Ungakwenzi lokho. Woza, letha iBhayibheli lakho, futhi uhlole imiBhalo, futhi ubone ukuthi kuqinisile noma qha. Woza, uzibonele. Ungezi nje ihora, woza uzohlala uze unelisiseke ukuthi kuqinisile, yileyondlela. Kuhlole ngomBhalo, wazi ukuthi ngabe ku—kuyiqiniso, noma akusilo, lapho unelisekile ngezimfundiso zangokomBhalo zeBhayibheli noma ngabe kuqinisile noma qha. Manje, yilokho ayebhekisele kukho, “Woza uzibonele wena ukuthi ngabe ngempela nguMesiya noma qha.

89 “‘Awu,’ wathi, ‘Ngizoza futhi ngibone.’

90 “Ngakho lapho e . . . sahamba ngomgwaqo ngamtshela izinto ezehlukene ezazenzekile. Futhi ngakho, ngenkathi enyukela eBukhoneni bukaMesiya, kuJesu,” Yena, mhlampe, mhlawumbe Wayemi njengoba nimile, mhlawumbe Wayehlezi phansi, mhlawumbe Wayekanjani . . . noma ngabe yisiphi isikhundla Ayekuso, “ngenkathi lendoda yenyukela eBukhoneni baKhe, iyindoda ekholwayo, indoda elungileyo, Wathi, ‘Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!’

91 “Manje, lokhu kwammangaza, wayengazi ukuthi uzothini ngaleyonkathi, wamangala ukuthi Waze kanjani ukuthi wayengubani. Wathi, ‘Rabi,’” okungukuthi igama *rabi* lisho ukuthi “mfundisi,” uthisha ongumHeberu, “‘Rabi, Wake wangazi nini na? Manje, Ungitshela lapha ukuthi ngingumIsrayeli.’”

92 Manje, kwakungesikho ngoba wayegqoke njengomIsrayeli, ngoba bonke abantu basempumalanga, wayengaba ngumArabu, noma wayengaba ngumGreki, bonke babegqoka izingubo, nomshuqulo, futhi njengoba nje benza empumalanga. Wayengaba ngowezinhlobo eziningi ezehlukene zabantu khona-ke ezweni lasempumalanga. Kodwa kwakungesiyo ingubo yakhe, kwakungesiwo umbala wakhe, bonke bamnyama, bansundu.

93 "Futhi ngakho Wathi, 'UngumIsrayeli, okungekho nkohliso kuye,' oqondile, ufakazi ovumayo kaMesiya. Niyabo? 'Wena ungumIsrayeli, okungekho nkohliso kuye.'

"Wathi, 'Rabi,'" ngamanye amazwi *mfundisi*, *mfundisi ohloniphekile*, besingasho namhlanje, "'Uze wangazi kanjani na?'

94 "Futhi Wathi, 'Ungakabizwa nguFiliphu, ngenkathi ungaphansi komuthi, Ngakubona.'" Amehlo anje pho! Amamayela ayishumi nanhlanu ukuzungeza izintaba ngakuthangi ngenkathi ephansi kwesihlahla, "Ngakubona."

95 Wayesethi, "Ngawa phambi kwaKhe, ngase ngithi, 'Rabi, Wena uyiNdodana kaNkulunkulu; Wena uyiNkosi ka-Israyeli.'" Wayekwazi, wayekwazi ngenxa yokuthi wabona isibonakaliso sobuMesiya kuYe.

96 Manje-ke, kufanele ukuthi kwakungemva kokuba eseqedile, kwakungu-Andreya omdala omuhle ehlezi eceleni komphostoli uPetru owayezofakaza ngokulandelayo. Kufanele ukuthi kwakunguye owathi, "Awu, bazalwane, ake nginikhulumele nonke. Asikholisisekanga yini sonke ngenkathi Ehlela eJeriko evela eJerusalema na? Futhi lowo ngumugqa oqondile ezansi ngqo entabeni ukuya eJeriko, kodwa ngalokho kusa Wathi, 'Ngiswelekile ukudlula ngaseSamariya.' Lokho kuphezulu entabeni. Kungani Wayezodingeka ahambe, eya eJeriko, eze ngendlela yaseSamariya na?

97 "Niyakhumbula ukuthi sonke sazizwa sixake kanjani ngalolosuku na? Kodwa sasi, ngamunye wayesaba ukusho noma yini kuYe, ngoba sasazi ukuthi uNkulunkulu wayekuYe, noNkulunkulu wayeMhola, futhi asizange, si—sasingafuni nje ukusho lutho ngakho, ngoba kwakunguNkulunkulu owayehola."

98 Wathi, "Waye. . . Sahamba naYe phezulu ngaseSamariya, futhi niyakhumbula ukuthi kanjani lawomatshe amadala. . . futhi Wakhathala kakhulu ukwenyukela lapho na? Futhi Wahlala phansi emthonjeni futhi wasithumela ukuba sithole ukudla, ezansi edolobheni, Wahlala phansi ngasemthonjeni womphakathi. Kwakungekho lutho lapho ukuMkhela ngisho amanzi. Sasiyo, sifuna ukuMpholisa, ngokuMphuzisa, futhi sigeze izinyawo zaKhe, kodwa Wathi, 'Bazalwane, qhubekani nehle futhi nithole ukudla, futhi ngizolinda lapha.'" Okufana nendawo ebonakala ngasikhathi sinye nxazonke encane, ukuthi lapho umthombo obekwe khona, ngumthombo womphakathi womuzi.

99 "Futhi ngenkathi sisahambile, babengeke basithengisele ukudla, ngakho-ke sibuyela emthonjeni. Futhi niyakhumbula, sezwa into ethize iqhubeka ngenkathi sibuya, futhi sakhothama esixukwini sezihlahlanyana zokunonga lapho ukuba silalele, sibone ukuthi kwakuthiwani. Futhi kwakukhona o—owesifazane omuhle esasicabanga ukuthi wayezoba

ngowesifazane obukeka emesaba uNkulunkulu impela. Wayemuhle, izinwele zakhe, ubuso bakhe, futhi wayemncane impela, futhi wayekhuluma naYe. “Futhi saMuzwa ethi kuye, ‘Sifazane, Ngiphuzise.’

100 “Futhi wathi, ‘Mnumzane, akusilo isiko kini maJuda ukucela amaSamariya okunjalo. Ngingowesifazane waseSamariya, ngakho-ke asidlelani omunye nomunye,” ukwehlukana okukhulu, “‘asidlelani.’

101 “Futhi lalelani ukuthi Wathini, ‘Ukuba bewazi ukuthi Ubani obukhuluma kuye, ubuyocela kiMi amanzi. BeNgiyakulethela amanzi, awuzi ukuzokha lapha.’

“Wathi, ‘Umthombo ujulile, Awunalutho lokukha.’

102 “Futhi lapho beqhubeka nengxoxo yabo ngokukhonza entabeni, kanjalonjalo, khona-ke sezwa iNkosi yethu ithi, ‘Hamba, ulande indoda yakho, futhi uze lapha.’

“Futhi waphenduka, wayesethi, ‘Anginandoda.’

103 “Sase-ke sicabanga, ‘Kuyini lokhu na? Ngabe iNkosi yethu yenze iphutha, ngenkathi lona wesifazane esho ukuthi—ukuthi akanandoda na? Izikhathi eziningi njengoba siMbonile enza lesosibonakaliso sobuMesiya, khona-ke lapha Usukuma lapha nesigaba esisha sabantu, amaSamariya, futhi nokho, lapha kuyo impela into yokuqala Uyehluleka!’

“Wathi, ‘Anginandoda.’

104 “Wayesethi-ke, ‘Qiniso. Ukhulume iqiniso, ngoba ubunamadoda ayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo indoda yakho.’” Akenzi-maphutha.

“Khona-ke wathi kuYe, ‘Mnumzane, ngiyabona ukuthi UngumProfethi wena.’”

105 Lokho owesifazane ayekwazi! Ngenkathi izinsuku ezimbalwa nje ngaphambi kwalapho, ngenkathi Enze into efanayo, abantu bebandla baMbiza ngodeveli, okhonza imimoya yabangasekho, uBelzabule, wathi, “Wayefunda ingqondo yabantu, ukufunda ingqondo, noma into ethize ekulolohlelo.” Wathi, “UnguBelzabule enza lokhu.”

106 UJesu wathi, “Nikhuluma lokho ngokumelene naMi, Ngizonithethelela, kodwa ngenye indlela, ngolunye usuku uMoya oNgcwele uzoza ukuzofakaza ngaMi, futhi lapho Efika futhi enze into efanayo, ukukhuluma izwi elilodwa elimelene naWo akusoze kwathethelelwa kulelizwe, noma izwe elizayo.” Bekuyoba bucayi kanjalo-ke.

107 “Futhi wathi, ‘Mnumzane, ngiyabona ukuthi UngumProfethi wena.’” Manje, lalelani lona wesifazane. “‘Siyazi, thina maSamariya, siyazi ukuthi uMesiya uyeza, futhi nxa uMesiya efika, Uzokwenza lezizinto, Uzositshela lezizinto,

lokho kuyoba yisibonakaliso sikaMesiya lapho Efika, ngakho Ufanele ube ngumProfethi waKhe.'"

108 Ngokunye washo into efanayo bonke abayishoyo, "Nxa uMesiya efika, uMesiya uzoba ngumProfethi, uNkulunkulu-mProfethi. Uzoba ngaphezu komProfethi, kodwa Uzokhombisa isibonakaliso sobuMesiya njengomProfethi." Babekade bengenabaprofethi iminyaka engamakhulu amane nento, kusukela kuMalaki, omunye wabaprofethi abancane.

109 "Wathi, 'Kodwa nxa uMesiya efika, Uzoba ngumProfethi njengoMose, umProfethi omkhulu, ozokwazi izinto ngaphambili, futhi asitshele izinto, futhi asitshele ukuthi siyini, ukuthi senzeni, Uzoba yilolohlobo loMuntu. Ngiyazi lapho uMesiya efika Uzositshela lezizinto, kodwa Wena Ungubani na?'

"UJesu wathi, 'NginguYe okhuluma kuwe.'"

110 Manje, ngezinye izikhathi ngizwile, umphikinkolo washo esikhathini esingeside esedlule, "Akukho neyodwa indawo emBhalweni uJesu ake athi WayenguKristu." Kuthiwani ngalokho, nakwabanye, futhi na?

111 Wathi, "NginguYe okhuluma nawe."

112 "Futhi phezu kwalokhu wawisa elakhe, wabeka phansi, noma wawisa ibhakede lakhe lamanzi, wayesegijimela emzini, wayesethi, 'Wozani nibone uMuntu ongitshele engikwenzileyo. Akuyena yini Lona impela uMesiya na?'" NeBhayibheli lasho ukuthi lowomuzi waMkholwa ukuthi unguMesiya ngenxa yobufakazi bowesifazane.

113 Manje, uma leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya izolo, futhi Unguye izolo, namuhla, naphakade, leso bekuyoba yisibonakaliso sikaMesiya namhlanje (Ngabe kunjalo na?), uma Esenguye.

114 Manje ake sime nje umzuzwana. Manje, kunezigaba ezintathu zabantu emhlabeni uma iBhayibheli liqinisile. Futhi uNkulunkulu angithethelele ngalelogama lokuthuka okungcwele elithi "uma." IBhayibheli *li*qinisile. Futhi sonke sivela kuHamu, uShemu, noma kubantwana bakaJafete, lokho kwakungamadodana amathathu kaNowa, emva kukazamcolo wangaphambi kukazamcolo ngenkathi izwe libhujiswa si—sivela kulabobantu abathathu, manje, lowo kwakungumJuda, oweZizwe, nomSamariya.

115 Niqaphelile na? UPetru wanikezwa kuMathewu, ngikholwa ukuthi isahluko 16, izihluthulelo zoMbuso weZulu. Futhi ngoSuku lwePhentekoste waLivula kumJuda.

116 UFiliphu wehla futhi washumayela kulamaSamariya, kepha nokho uMoya oNgcwele awehlelanga phezu namunye wabo, nokho wayenoMoya oNgcwele. Bathumela futhi babiza uJohane noPetru ukuba behle, babeka izandla phezu kwabo, futhi bemukela uMoya oNgcwele. Kunjalo. Niyabo? Ngisho nendoda

egcwele uMoya oNgcwele, nokho uPetru wayenezihluthulelo. Futhi lobo kwakungobunye ubuzwe babantu, amaSamariya.

117 Kwase kuthi-ke, endlini kaKorneliyu, ba . . . UKorneliyu wayebone umbono futhi bona, e, iNgelosi yamtshela ukuba ehlele kuSimoni umshuki, abuze ngoyedwa, uSimoni. Futhi uyenyuka futhi wamtshela izinto zeNkosi. "Kwathi uPetru esakhuluma lawamazwi uMoya oNgcwele wehlela phezu kwabo."

118 Kodwa niyaqaphela kusukela ngaleyonkathi kuqhubeke, uPawulu, noma yibaphi abanye babo babeka izandla phezu kwabo, kanjalonjalo, bathola uMoya oNgcwele. Kodwa kwakukhona lezozigaba ezintathu zabantu futhi, abantu bakaHamu, uShemu, noJafete: amaJuda, abeZizwe, namaSamariya.

119 Manje qaphelani, ngenkathi uJesu efika, Wenza lesosibonakaliso, njengesibonakaliso sobuMesiya, phambi kwamaJuda. Manje, abeZizwe, thina ma-Anglo-Saxon, sasingabheke-Mesiya; Uza kuphela kulabo abaMbhekile. Uzophulukisa kuphela, kulobubusuku, labo abakholwa ukuthi ba—bazophulukiswa, Uzosindisa kuphela labo onokukholwa okwenele ukuba asindiswe kukho, Uzogcwalisa ngoMoya kuphela labo ababheke uMoya oNgcwele. Lapho Efika emhlabeni futhi, Uyofikela labo abaMlindele ukuba afike, futhi ababheke Yena ukuba afike, futhi abalungiselele Yena ukuba afike, Uzoza eBandleni laKhe.

120 Manje, thina ma-Anglo-Saxon, abeZizwe, sasingaMbhekile ukuba afike, kodwa kwakukhona izigaba ezimbili ezaziMbheke ukuba afike, lokho kwakungamaJuda namaSamariya. Futhi hlolani yonke imiBhalo, futhi awusoze wathola neyodwa indawo lapho uJesu ake enza khona lesosibonakaliso sobuMesiya koweZizwe, nakanye, ngoba abeZizwe wayengaMbhekile. Kodwa Wathi ngezinsuku zokugcina lapho uMoya oNgcwele efika Uyokwenza.

121 A—abeZizwe babengafundiswanga phezu kwenkolo kaJehova, babengabhekile okunjalo, abafundiswanga ukufundisa kweBhayibheli. Sasingabahedeni ababekhonza izithombe, amaRoma, namaGreki, kanjalonjalo, ababenonkulunkulu nonkulunkulukazi, sithwele isagila emhlane wethu, kanjalonjalo, abahedeni. Kodwa amaJuda namaSamariya ayebheke uMesiya, futhi ngenkathi uMesiya efika, Wababakhombisa isibonakaliso somProfethi kaNkulunkulu, njengoba WayenguMesiya.

122 Manje, Wathi, "Ekufikeni kwezinsuku zokugcina," manje lalelisisani, Wathi, "njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Manje, ngaphambi nje kwalokho Wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa." Manje, qaphelani, ngesikhathi sikaNowa lana,

Wathi, "Babedla, bephuza, beganwa, bendiswa." Lokho kwakungukuziphatha okubi, ngoba eSodoma babedlulele ngale kwalokho. Niyabo? Wathi, "Emihleni kaNowa, ngaphambi kukazamcolo, babedla, bephuza, beganwa, bendiswa," kodwa manje-ke ngenkathi Efika ezinsukwini zaseSodoma, Akazange aphathe neyodwa into ngalokho. Niyabo?

123 O, uNkulunkulu ugcwele ukuhlakanipha. UJesu wambonga uBaba ngoba Wayekufihlile emehlweni abahlakaniphile nabanokuqonda, ungeke ukuthole ngokumbisisa. UNkulunkulu uyiSambulo. Kwakuyisambulo ekuqaleni. Ubani owatshela u-Abela, ukuthi ufanele anikele ngewundlu, esikhundleni sikaKayini nesithelo na?

124 Lapho uJesu wayeyo, wabuza abafundi baKhe, "Umuntu uthi Mina, iNdodana yomuntu ingubani na?"

Futhi omunye wathi, "Wena unguMose." Futhi omunye ethi, "Ungu-Eliyase, noma abaprofethi."

Wathi, "Kodwa nina nithi ubani na?"

UPetru wathi, "Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo."

125 Wathi, "Ubusisiwe wena, Simoni ndodana kaJona, ngokuba inyama negazi akukwambulelanga lokhu, kodwa uBaba waMi oseZulwini ukwambulele khona. Futhi phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi; namasango ehayidese angeLehlule."

126 Kuyisambulo sokomoya, ukuthi uJesu Kristu Ungubani. "Phezu kwa*leli*Dwala," uNkulunkulu, embula, hhayi ngokufunda ngezwi, hhayi ngesivumokholo esithize, kodwa ngesambulo sokomoya, ukuthi uJesu unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu eyembulwe kuwe ngoMoya oNgcwele.

127 IBhayibheli lathi, "Akekho umuntu ongabiza uJesu ngokuthi uKristu, kuphela ngoMoya oNgcwele." Kusemqoka kanjalo-ke kulolusuku. Kodwa sibona izwe lihlanyiswa yinjabulo, njengoba kwakunjalo emihleni kaNowa.

128 Bukani eReno, eNevada, emuva lapha, beshada, bendiswa. Bukani manje, njengezinsuku zikaNowa, nezinsuku zaseSodoma, bukani impendukezelo. Izincwadi, izinkulungwane zazo zivela, ikakhulukazi zivela eCalifornia lapha, lapho impendukezelo ikhona, o, he, ekushaneleni, kwanda cishe ngamaphesente angamashumi amathathu unyaka ngamunye, kwempendukezelo. Ngenxa yokuthi abantu bavame kakhulu nje, futhi ngakho . . . O, ku—kuyesabeka!

129 Akulungile ngisho nokukhuluma ngakho, kul'khuni, emsamo, ukuthi izizwe zehla isithunzi kanjani, futhi ikakhulukazi leMelika, izwe lethu, ikhaya lethu. O, kudinga okwangempela, okwangoqobo, ukuzamazama kwemvuselelo kungenjalo kuzothola ukuzamazama kwe-atomu. Ngakho

isidlulile imvuselelo, ngakho-ke sizobheka okwe-atomu, kodwa iBandla lizohamba ngaphambi kokuba kufike lesosikhathi.

130 Futhi uma lokho kusondele kangako ekuzeleni ukuzamazama kwe-atomu, size sithole izindawo zokugijima, siwe phansi nezinto ezinjalo, kuthiwani ngokuFika kweNkosi na? lapho lokho kuyokwenzeka ngaphambi kokuba izwe libhujiswe, siyakwazi lokho.

131 Qaphelani, uNowa wayesemkhunjini ngaphambi kokuba kwehle amanzi, uLoti wadingeka aphume eSodoma ngaphambi kokuba kwehle noma yimuphi uMlilo, iBandla lizophuma ezweni ngaphambi kokuba ibhomu le-atomu liliqhumise, Lizofanele.

132 Qaphelani, manje ake sibhekisise ukuthi iSodoma lenzani, khona-ke sibuyela emuva ngqo.

Wena uthi, "Mfowethu Branham, uchezuke le endikimbeni yakho."

133 Awu, njengoba uDavid wake washo, uDavid duPlessis wathi, "Ngeke ngashumayela emgwaqeni omkhulu ngaso sonke isikhathi, ngoba inqwaba yabantu engishumayela kubo ayihlali emgwaqeni omkhulu, ngifanele ngehle ngomzila, ngicoshe abanye, ngibuye futhi." Ngakho ngiyasuka endikimbeni yami, kodwa bengifuna ukucosha okunye ezansi emzileni manje.

134 Manje qaphelani, kulokhu "ESodoma, njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma," ake sime nje imizuzu embalwa lapha manje ebufakazini bukaFiliphu, futhi ake siye eSodoma umzuzwana nje.

135 Qaphelani, iSodoma . . . Kuhlala njalo kunezigaba ezintathu zabantu ezweni, lokho ngamakholwa, abazenzisi, nabangakholwayo, lokho yizigaba ezintathu abahlala beziveza.

136 Futhi manje, eSodoma kwakukhona owaseSodoma, niyazi ukuthi isono salo sasiyini, kwakukubi kakhulu, njengoba kunjalo nje e—ezweni namhlanje. Kulungile.

137 Manje, kwase kuthi-ke u-Abrahama . . . Manje, uLoti wayesezansi eSodoma, umKristu osivivi, umKristu ngegama nje, ngoba kwathi, "Izono zaseSodoma zawuzwisa ubuhlungu umphefumulo wakhe olungileyo." Kodwa wenza okuncane ngakho, wabavumela bangene ebandleni lakhe begqoke noma ngayiphi indlela abafuna ngayo, baziphathe ngendlela abafuna ngayo, babheme, baphuze, bagembule, futhi benze noma yini, inqobo nje uma babezisho ukuthi bangamakholwa, niyabo, kwakulungile, umKristu osivivi nje, ilunga lebandla elisivivi.

138 Manje-ke, siyaqaphela ukuthi ngaphandle, phezulu ogwadule, ohlukanisiwe, obizelwe ngaphandle kwakungu-Abrahama, iBandla elikhethiweyo, elikhethwe ngokwaziphambili, uNkulunkulu wayembizele ngaphandle.

Lona impela igama elithi *ibandla* lisho ukuthi, “ababizelwe ngaphandle futhi bahlukaniswa.”

139 U-Israyeli wayengabantu bakaNkulunkulu baze babizwa baphuma eGibhithe futhi bahlukaniswa kwabaseGibhithe, futhi khona-ke babeyiBandla likaNkulunkulu. Igama elithi *ibandla* lisho ukuthi, “ababizelwe ngaphandle.”

140 Babelapha, u-Abrahama ehlezi phezulu lapho, izinto zimhambela kanzima. Sengathi ngiyambona uNkk. Loti ehla enyuka esigodlweni sakhe esincane samazinyo endlovu ezansi lapho eGomora, wayesethi, “Uyazi ukuthini? Nango ompofu, uSara omdala enhla lapho, akanakho ngisho ukushintsha izingubo cishe impela, nango u-Abrahama, izinkomo zakhe zibulawa yindlala. Abehleli ngani lapha futhi bajoyine imiphakathi yethu na?”

141 Kodwa mfowethu, babenomphakathi enhliziyweni yabo, babenento ethize lapho. . .?. . .belindele ukufika kweNkosi. Ngolunye usuku ngenkathi isimo sezulu sasishisa kunoma sinjalo namhlanje, komile njengoba kwakunjalo, u-Abrahama wayehlezi emnyango wethende lakhe, lapho babenesihlahla som-oki esidala (Futhi ngicabange ngalokho Mfowethu Bud, uma uphakathi lapha, ngenkathi ngifika endaweni yakho namhlanje.), futhi ehlezi lapho ngasethendeni, nabelusi wayengaphandle, namanzi ayeseshile onke, futhi babengakwazi ukuthola lutho lwezinkomo zabo.

142 Futhi into yokuqala niyazi, u-Abrahama kwenzeka waqaphela nakhu kufika amadoda amathathu enothuli zonke izingubo zawo, amadoda ajwayelekile nje. U-Abrahama wacabanga, niyazi, ukuthi kufanele kubekhona into ethize encane ehlukile ngalabobafo, wababizela phakathi wase ebahlalisa phansi.

143 Wathi, “Hlalani phansi. Ake ngilande amanzi amancane, bese ngigeza izinyawo zenu, futhi nizihlumelelise, futhi ngizothola ucezu lwesinkwa, futhi nina nidle isinkwa, bese-ke niqhubekela nomaphi lapho niya khona.” Ngoba u-Abrahama wakholwa ukuthi kwakukhona into eyayilungiselela ukwenzeka.

144 Niyazi, kukhona okuthize ngamadodana kaNkulunkulu aholwa nguMoya kaNkulunkulu. Niyazi, lowomuzwa omncane ofanayo okitazayo enhliziyweni ka-Abrahama ukuthi kwakukhona into ethize elungiselela ukwenzeka yinto efanayo ethumele lelinenekazi lapha kulobubusuku nalesisihlalo esinamasondo, efanayo ethumele leyondoda *lapho*, efanayo enithumele nonke lapha. Lowomuzwa omncane ukuthi kukhona *okuthize* ndawondawo, niyabo, uzela leyonhloso nje, ngoba . . .

145 O, omunye ubengathi, “O, leso yisigejane saba—sabagingqiki abangcwele phezulu lapho, noma yini enye.” Niyabo, abaqondi.

Kodwa uMoya oNgcwele ukuholele lapha. Amadodana namadodakazi kaNkulunkulu aholwa nguMoya kaNkulunkulu.

146 Manje, njengoba lawa amabili, amadoda amathathu enyuka, ahlala phansi, no-Abrahama wagijima wangena, wathi, "Sara, sefa impushana."

147 Bangaki abake basefa impuphu na? He, abanye benu besifazane, impela, inqwaba yalaba, oyedwa onezinwele ezincane ezimpunga...Ngimbonile umama wami ethatha lesosefo esidala ezungeza kanjalo, sasinocezu kuso. Ngesinye isikhathi impuphu yayiba nesigaxa, futhi wayezodingeka athathe lolucwezi olucijile bese eyihlikihla azungeze azungeze azungeze ukuze athole i, kuphume, bese esenzela lezo zimpephesi zommbila ezincane okwesidlo sasekuseni, futhi sibe nalokho notiligi wamabele. Impela. Futhi wayenalokhu okudala...

148 Futhi wayeyisefa kanjalo, niyazi. Futhi—futhi wagijimela emhlambini futhi wathola ithole elincane elikhuluphele, futhi walibulala, futhi walihlinza, futhi wapheka inyama eziko, wayesephuma. Futhi bona, lamadoda amathathu ayehlezi lapho, wawanika ukudla. Manje, bhekisisani manje, sibuyela ngqo kuNathanayeli, umzuzwana nje, nobufakazi babo.

149 Manje, ngenkathi ephuma futhi ebanika inyama, ngenkathi lamadoda esahlezi lapho futhi edla, no-Abrahama mhlawumbe ekhuluma nawo, emva kwesikhashana waqaphela Eyodwa yawo yayilokhu ibuka ngale ngaseSodoma, amabili awo asukuma ase eqhubeka ebheke ngaseSodoma.

150 Futhi ngakho, emva kokuba esehlele eSodoma... Niyakhumbula ukuthi umlayezo wawo wawuyini ngenkathi efika ezansi lapho na? Ukuphenduka! "Phumani!" Lowo kwakunguBilly Graham wesimodeni, no-Oral Roberts, noma ngabe ufuna ukukubiza ngokuthini, ababili abakhulu, abefundisi abanamandla abehlela lapho bangena eSodoma futhi bashumayela ukuphenduka. Abazange benze izimangaliso eziningi kakhulu, kuphela baphuphuthekisa amehlo ambalwa. Nokushumayela iVangeli kuyamphuphuthekisa ongakholwayo.

151 Ngakho u...A—abazange benze isimangaliso esinjalo, benza izimangaliso, kodwa hhayi izimangaliso njengoba kwakunjalo emuva lapha kwenye indawo. Manje, ashumayela, futhi ababiza, "Phendukani noma nibhubhe." Lokho kwakuyilawo amabili ehlela eSodoma.

152 Kodwa Leyo eyahlala emuva lapha no-Abrahama, ake siYibhekisise imizuzu embalwa. IBandla, ihumusho A.D. lamakhulu amahlanu nento lePhentekoste, ihlezi phansi lapho ethendeni, ikholwa. Khona-ke leNdoda yayifulathele ngasethendeni. Abesifazane ngaleyonkathi wayengafani nabesifazane namhlanje, kakhulukazi, niyazi, lowo ofanele abe kuzo zonke izindaba zendoda nayo yonke into, babethi

ukuhlala emuva endlini, ngakho ba—ba— ngakho ba . . . Waye, uSara waye . . . Awusoze wazi.

153 Ngakho leNdoda, emva kokuba Isiqedile ukudla, Yathi, "Abrahama," bhekisisani, yambiza ngegama, "Abrahama, uphi umkakho na?" Yayazi kanjani ukuthi wayeshedelwe na? "Uphi umkakho, uSara na?" Lalelani lokho, igama lakhe empeleni lalingesuye uSara, uSarayi, kuqala, kwase kuthi-ke wabizwa ngoSara, ngoba wayeyinkosazana, Yambiza ngegama lakhe lenkosazana.

154 "Abrahama, lelo igama lakho, uphi umkakho na? Ngokuba uyindoda eganiwe, futhi igama layo nguSara." Yakwazi kanjani lokho na?

155 Bhekisisani isibonakaliso, manje khumbulani, Wathi, "Njengoba kwakunjalo nje eSodoma," ngenkathi uMlilo ushisa umhlaba nya, iSodoma neGomora, "kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Manje bhekisisani, lesosibonakaliso esifanayo, sinikezwe izwe labeZizwe. Niyabona ukuthi sifikaphi na?

"Uphi umkakho, uSara na?"

156 U-Abrahama wathi, "Usethendeni." NeBhayibheli lathi ithende lalisemva kweNgelosi. Bangaki abake bakufunda lokho, abaziyo ukuthi lokho kuyiqiniso na? Impela. Ithende lalisemva kwaYo. "Usethendeni emva kwaKho."

157 Yathi, "Abrahama, eminyakeni engamashumi amabili nanhlanu edlule," ngamany'amazwi, "Ngakwethembisa indodana. Ngizokuvakashela ngokwesikhathi sokuphila kukaSara," izinsuku ezingamashumi amabili nesishiyagalombili, yathi, "Ngi—Ngizokuvakashela ngokwalesosikhathi, futhi uzoba nalendodana."

158 Futhi uSara, eneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye ubudala, no-Abrahama enekhulu, owesifazane wathi, "*Ha*!" kuye uqobo, wahleka, wasineka yedwa emva kweNgelosi, ngaphakathi ethendeni.

NeNgelosi yathi, "Uhlekeleni uSara na?" Amen. Manje, kwakuhlobo luni lokufunda ingqondo lokho na?

159 "Abrahama, uyindoda eganiwe, unomfazi, igama lakhe nguSara. Angikaze ngikubone ngaphambilini, angikaze ngazi lutho ngawe," ngenye indlela, "awukaze uNgibone ngaphambilini, kodwa uyazi ukuthi kukhona okwenzekayo."

Manje, "Uphi umkakho, uSara na?"

U-Abrahama wathi, "Usethendeni emva kwaKho."

Futhi owesifazane wathi, "*Ha*!"

160 Wathi, "Uhlekeleni na?" Ethendeni emva kwaKhe! Lokho kwakungokweBandla elikhethiwe. ISodoma alizange likubone, iSodoma alikhathalelanga lutho ngakho. Kodwa u-Abrahama

walinda ethendeni elishisayo, elishisa ukwedlula lesisakhiwo kulentambama, elindele into ethize ukuba yenzeke, futhi wayithola.

161 UJesu wathi, "Njengoba kwakunjalo ngalolosuku, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." IBandla elikhethiwe lizobona lesosibonakaliso esifanayo futhi.

162 Siyini na? Niyabo, abeZizwe, belindele uMesiya. UNkulunkulu uyazibusa. Uma uNkulunkulu evumela... Onyakeni wakho konke ukufundisa kobuhlakani u-Israyeli ayenakho, neSamariya ayayinakho, futhi nje ekupheleni kokufundisa kwabo, ekupheleni kosuku lwabo, Wabakhombisa isibonakaliso sikaMesiya ukusifakazela ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade, Akayikulivumela iBandla labeZizwe lingene ngaphandle kokuzenzela into efanayo.

163 Uma kwakunjalo, Ubanika into ethize Abengeke asinike yona. Unika omunye wabantwana baKhe ucezu lukaphaya, nomunye ucezu lukaphaya, kodwa uyalenqaba komunye. Lokho...Akasuye uBaba onjalo. Qhabo. Uzobanika khona, uma bevuma ukukudla. Yilokho-ke. KuseBandleni-ke, kukubo.

164 Manje, njengoba uFiliphu ehlezi lapho, futhi wathi, "Yebo, kunjalo. Futhi ngenkathi sihamba futhi sathola uNathanayeli, noNathanayeli washo njalo, noma, u-Andreya. Bonke bafakazile." Wathi, "Yebo, njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, ukuthi sazi kanjani lezozinto a—Azikhuluma ziyokwenzeka."

165 Manje, wathi, "Yebo, inhliziyo yami yayivutha phakathi kwami. Ngawa ngobuso bami, futhi ngenkathi Engitshela ukuthi ngangikuphi futhi wangitshela ukuthi ubaba wami wayengubani, futhi ngenkathi sonke simi lapho futhi sambona lowo wesifazane waseSamariya, futhi Wamtshela ukuthi wayenamadoda amahlanu, futhi—futhi khona-ke emtshela i... Wathi wayengenandoda, futhi Wathi, 'Unayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo eyakho.'

166 "Futhi wamemeza, 'Mnumzane, ngiyabona ukuthi UngumProfethi. Siyazi lapho uMesiya efika Uyositshela zonke lezizinto, kodwa Wena Ungubani na?'" Niyabo? Manje... [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

167 Khulekani ubusuku bonke, futhi nibe naleyomihlangano emincane, nime ekhoneni, nishaya izigujana itamborini, namaphoyisa anigijimisa ekhoneni elilodwa, nehlela ekhoneni lomhubhe bese niqala futhi. Niyabo?

168 Bona wayezama ukudlulisa umlayezo. Kodwa sesifike endaweni manje kuze kuthi abashumayeli bethu bayisihlakaniphi, futhi o, bangoDokotela bezobuNkulunkulu, namakhulu, amadoda amakhulu, nezinto. Lokho kubi kakhulu ukuthi kwake kwenzeka, kodwa ku—ku—kwenzeka, noma kanjani. Niyabo? Futhi asisekho emhubheni, siphandle lapha

ngqo njengawo onke amabandla, izakhiwo ezinkulu. Futhi omunye uzama ukwedlula omunye, athole okuningi kuSonto sikole wakhe kunomunye, yonke into kanjalo.

169 Futhi niyazi ukuthini? Ngicabanga ukuthi sonke kanyekanye, sihambe ngaphandle kweNkosi. Niyabo? UNkulunkulu usikhathalele sisindisa imiphefumulo, hhayi ukwakha izakhiwo, okungukuthi izakhiwo zilungile, kodwa Ufuna imiphefumulo isindiswe. UJesu akazange ayale abafundi baKhe ukuba bakhe ibandla, Akazange abayale ukuba benze isibhedlela. Zonke lezozinto zilungile, kodwa Wathi, "Nishumayele iVangeli. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo."

170 Kodwa sichezukele ezibonakalisweni zobuhlakani, abazukulu. Kodwa uNkulunkulu akanabo abazukulu, niyazi, uNkulunkulu unamadodana namadodakazi kuphela, hhayi abazukulu. UNkulunkulu. . . Kodwa sinabazukulu bePentecostal, ngoba ubaba nomama babengabebandla lePentecostal, siyangena—siyangena nabo, basingenisa, basifaka ohlakeni lwezingane, futhi siba ngamalunga ebandla lePentecostal. Lokho ngabazukulu, lokho akulungile.

171 Sine. . . Wonke umuntu oza kuNkulunkulu ufanele azalwe ngoMoya kaNkulunkulu, khona-ke ningamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, ninolwazi lokuzibonela, into ethize phakathi lapho uNkulunkulu aphila kuyo, futhi niyazi ukuthi Ungowangempela. Leyo yindodana nendodakazi yangempela.

172 Uma u—uma uyiMethodisti nendodana kaNkulunkulu, amen, uyindodana kaNkulunkulu eyiMethodisti. Uma uyiPentecostal nendodana kaNkulunkulu, kulungile, kodwa ungabi *ngumzukulu* oyiMethodisti noma *umzukulu* oyiPentecostal, yiba yindodana noma indodakazi ngokuzalwa, ukuzalwa okusha, okungaphezu kwemvelo, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele enhliziyweni yakho, khona-ke ningamadodana namadodakazi.

173 Manje, bathola. . . USathane wabheka ngale, futhi wabathola behamba ngokutetema kwengane kanjalo, wathi, "Leli yithuba lami!" Ngakho waphakamisa ikhanda lakhe eliyinhlikinhliki phezulu phezu kwegquma, futhi uqala ukuphephetha ngapheseya kwechibi niyazi, "*Whewu! Whewu!*" Kwafika umoya, imimoya enophoyizeni iqala ukuphakamisa iphansi lolwandle futhi iphonsa ngapha nangapha isikebhe esincane.

174 Futhi, niyazi, lapho lokho kubanda kungena, futhi sithola ukucabanga ngabefundisi abanobuhlakani, "Awu, umelusi wami une D.D. Umelusi wami une—neziqu zeZiqu zobuCiko. Umelusi wethu uvela ekholiji lika*S'bani-bani*," lokho akusho lutho, nakancane. Bengingaqoka ukuthi umntanami ubengaba

nendoda ebingabazi ngisho oABC bayo, futhi yathola uKristu enhliziyweni yayo, kunokuba ibe nalowo owayazi bonke ubuhlakani. Kunjalo.

175 UMose wayebazi bonke ubuhlakani, kodwa uNkulunkulu wadingeka amthathe amyise esihlahleni futhi akukhiphe konke kuye, bese-ke efeka ukukholwa okuthile kuye okuvela eMlilweni owawusesihlahleni. Futhi yilokho esikudingayo kulobubusuku ngokunye ukuvakashela ehlathini, lapho esithola khona isehlakalo.

176 Namhlanje siphila osukwini lapho abaphikinkolo ezama ukukuchaza akususe konke. UJesu wayekwazi lokho, Wathi, "Angiyikunishiya niyizintandane, uBaba uzothumela uMoya oNgcwele eGameni laMi. Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona, nokho niyoNgibona nina, ngokuba Mina," uMoya oNgcwele ukhuluma kuYe, "Ngiyakuba nani, ngibe kini kuze kube sekupheleni kwezwe."

177 Manje, uNkulunkulu wayazi ukuthi ekupheleni kwezwe abantu wayezovuka, izifundiswa ezinkulu nezihlakani, futhi achaze konke okweBhayibheli kusuke. Futhi akukho-muntu onelungelo emva kwepulpiti, akukho-muntu onelungelo lokuzibiza ngomKristu, aze ake abuyele lapho kwingemuva logwadule ngaphansi kwalezo zihlabathi ezingcwele lapho ahlangana khona noNkulunkulu ubuso nobuso, waba nesehlakalo.

178 Ungahle uthathe bonke abahlelekile, oDokotela bezobuNkulunkulu abanobuhlakani ukuba bachaze konke *ngale*ndlela, futhi bachaze konke *lokho* kusuke, kodwa lapho sekufika ekunyatheleni kulesosihlabathi esingcwele lapho ohlangane khona noNkulunkulu ubuso nobuso, abekho oDokotela bezobuNkulunkulu abenele, noma abekho odeveli abenele abaphuma esihogweni abangake banyakazise lesosehlakalo kuwe.

179 Lapho uhlangane noNkulunkulu ndawondawo ubuso nobuso, futhi wezwa amandla okuguquka kwempilo entsha ingena kuwe, akukho develi esihogweni ongake akunyakazise akususe kuwe, uyisidalwa esisha, futhi unesehlakalo enhliziyweni yakho, wena uthi, "Kodwa awume kancane, awume kancane! *Kukhona* okwenzekile." Niyabo? Une*nto ethize*.

180 Ngiyakhumbula ngenkathi umbonisi omkhulu efika, futhi wathi, "Billy, ufanele ukuthi ube nephupho elibi."

Ngathi, "Uma kuyilokho, *nanti* ikhadi lami lenhlanganyelo. Ngahlangana noMuntu owakhuluma nami, kwakungukuPhila kimi."

Ngathi, "Nakhu . . . "

"O," wathi, "angizizwa ngaleyondlela ngakho."

181 Ngathi, "Awu lowo nje umuzwa wami, empeleni. Angikwazi ukuboshelwa konke lapha, futhi ngikhonze uNkulunkulu, ngizoMkhonza nje ngaphandle ngqo, mina nje naYe sindawonye."

182 Manje, qaphelani njengoba sivala, imimoya iqala ukuvunguza, imimoya enophoyizeni. Kube nenqwaba yemimoya evunguzayo namhlanje, ithi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into okuthiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu. UMoya oNgcwele wawungowomunye unyaka, eminyakeni eyizinkulungwane ezimbili edlule."

183 UPetru wathi ngoSuku lwePhentekoste, "Singesenu nesabantwana benu, nabo abakude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Kuhamba kade kangako, lokho nje kuningi njengoba bekungahamba, kodwa, niyabo, banokuthile abafuna ukufanekisa kukho izwe; sizongena kulokho kamuva.

184 Kwase kuthi-ke imimoya iqala ukuvunguza, nawo onke amathemba emvuselelo lalingasekho, yonke into nje yayingasekho. Umkhumbi omncane owake. . . wagcwala amanzi, izigwedlo zase ziphukile, futhi lapha wawugumbuqeka, futhi ubhakuza, udansa phandle lapho emagagasini njengesivimbo sebhodlela o—olwandle olunamandla. Futhi babelapho-ke, bengenathemba nje lokuthi bayoke bafinyelele ogwini, futhi bonke babeyolahla amathemba.

185 Kodwa niyazi ukuthini? Wayengabashiyanga, impela qhabo. Wakhwela igquma eliphakeme kunawo onke Ayengalikhwela, ukuze Akwazi ukubuka yonke indlela ngapheshe ya kolwandle, futhi Wabona ngenkathi besenkathazweni. Futhi nangu Eza ehamba eya kubo phezu kwamanzi.

186 Mfowethu, Wenza into efanayo kithi, Akazange kuphela akhwele igquma eliphakeme kunawo onke, Waqala ukwenyuka igquma eKalvari, Waya eNtabeni yaseKalvari futhi wakhwela esuka lapho izitebhisi zegolide, waze Wahamba wayothi ngqu ePhakadeni, futhi wahlala ngakwesokunene sikaNkulunkulu, Angasibona i—isiphetho kusukela ekuqaleni. "Iso lakhe liphezu komzwilili, futhi ngiyazi ukuthi Ungibhekile." Ukubhekile, Ubheka lomhlangano omncane, "Nomaphi lapho kubuthene ababili noma abathathu ngeGama laMi, Ngiyoba phakathi kwabo." Uzama ukuthola indawo ukuba azibonakalise Yena uqobo, ukwenza into ethize enkulu, ukwenza into ethize ukukusiza, ukukukhombisa ukuthi Ulapha. Akafile, Uyaphila futhi.

187 Yonke inkolo. . . Ngenkathi ngimi lapho ngaleyontambama phambi kwezinkolo eziyishumi nesikhombisa ezehlukene, ngathi, "Banumzane abahloniphekile, bonke abaqambi benu ufile, futhi basethuneni, uBuda, uMohamede, nabo bonke abanye babo, amaSikh namaJain nabo bonke, abaqambi

benu bafile, futhi bangcwatshwa amakhulu eminyaka, kepha uNkulunkulu wethu akafile."

Bathi, "Awu, baMbethela."

Ngathi, "Kodwa Wavuka futhi." Ngathi, "Uma Ezozibonakalisa Yena uqobo ephila, nizoMemukela na?"

"Yebo, uma ungasikhombisa ephila."

188 Futhi kungukuthi, o, angazi ukuthi izinkulungwane ezingaki ezaMemukela ngenkathi zibone ukuthi Wayephila.

189 Indatshana encane kaMnu. Graham esikhathini esingeside esedlule, njengoba iphepha liphuma ngemuva, lathi, bathi, uMnu. Graham wehla futhi akabange esakhulekela abagulayo emuva lapho kulokaMohamede ngenkathi ephosela inselelo, futhi wathi, "Manje, kanjani, kuthiwani eThekwini, eNingizimu Afrika," wathi, "ngenkathi uWilliam Branham wayelapho, ngenkathi abakaMohamede abayizinkulungwane eziyishumi bewela e-altare ngesikhathi esisodwa na?"

190 Ngenkathi bebone indoda eyayihlupheke kakhulu, yayinjalo ngandlela zonke, wayitshela ukuthi yayingubani, nokuthi ivelaphi, nakho konke ngakho, futhi wayiphulukisa, wavele nje wayiphakamisa ngezinyawo zayo ngomzuzu, ngisho nalapho ngisho ingaphilile nasemqondweni wayo, ifika emqondweni wayo uqobo ojwayelekile, nezinyembezi ezinkulu zehlela esiswini sayo esimnyama, futhi lapho yaphulukiswa. Ngibone abakaMohamede abayizinkulungwane eziyishumi ngesikhathi esisodwa, futhi bonke ndawonye abangakholwayo abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu bawela esiphambanweni.

191 Hhayi ukwakha amabandla, kodwa shumayela iVangeli, lokho ngumyalo, yilokho-ke. Amabandla lilungile, izikole zilungile, bonke odokotela balungile, izibhedlela zi. . . Angikugxeki lokho, kodwa lowo akusiwo uMlayezo weBandla, ngukuthi "Shumayela iVangeli. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo," kwasho uMarku 16. Nakho lapho esikhona.

192 Manje, ngenkathi lokhu kwenzeka, amagagasi aqala uku, emuva naphambili, futhi into edabukisayo yayingukuthi, kufana kakhulu impela njengoba kunjalo namhlanje, ngenkathi beMbona eza, ehamba phezu kwamanzi, bacabanga ukuthi Kwakungumoya, bacabanga ukuthi Kwakuyisipoki sohlobo oluthize, futhi besaba. Okuwukuphela kweNto eyayingabasiza!

193 Futhi, bangane bami abathandekayo, uma leso kungesiso isimo sanamhlanje, angikwazi. Into kuphela engasiza abantu, bayaYesaba. Bathi, "Awu, leso yisigejane se. . .Lokho kungahle kube ngumgingqiki ongcwele. Lokho kungahle kube yiqembu lezilimi lePentecostal. Kungahle kube, niyazi, kungahle

kube ngukukhonza imimoya yabangasekho. Kungahle kube ngudeveli." Niyabo? Besaba yona kuphela iNto engabasiza.

194 Nango Eza ehamba. Futhi—futhi babona ukuthi Kwaku... Kwakubukeka kufana naYe, kodwa, o, bakhala kakhulu ngokwesaba, babecabanga ukuthi Kwakungumoya wohlobo oluthize.

Wathi, "Ningesabi; YiMina; YiMi."

195 Manje, uma uJesu Kristu enguye izolo, namuhla, naphakade khona-ke Uzokwenza okufanayo namhlanje njengoba Enza ngaleyonkathi, futhi uzokwenza kuze kube phakade. Ngabe kunjalo na?

Asikhothamise amakhanda ethu sisacabanga ngalomBhalo.

196 Baba wethu waseZulwini, njengoba manje siza ekuvaleni kwalona omncane, umlayezo oxovekile, ngethemba ukuthi uMoya oNgcwele uzothatha lawomazwi, futhi—futhi nje ngokuhlukanisiwe ubanikeze kuzo zonke izinhliziyo njengoba benesidingo, kwangathi bangacwila le phansi bajule.

197 Nalababantu bahlezi lapha ngaphansi kwaloluphahla olushisayo, hhayi nje ukuba babonwe, kodwa beze ngoba balambile futhi bomile. Manje, Baba, ngikhuleka kuWe ukuthi Uzobakhonzisa ngezibusiso abazizelayo. Kwangathi kungebebikho noyedwa osele ogulayo noma ohluphekile. Kwangathi kungebekhona lapha onokungabaza, kwangathi uMoya oNgcwele, neZwi likaNkulunkulu lapha, ususe konke ukungabaza engqondweni yabo, ngoba, Baba, siLinike yona impela nje indlela eLilotshwe ngayo, Lowo *kwa*kunguMesiya, leso *kwa*kuyisibonakaliso saKhe, Lowo *kwa*kunguYe Athembisa ukuthi uyoba nguye.

198 Manje, Baba, sibheke Yena ukuba enze into efanayo kulobubusuku njengoba Enza eza...labo abase-Emawuse, Wayehamba nabo usuku lonke, Wayebathanda, futhi wakhuluma nabo, futhi ubanika imiBhalo.

199 Baningi abahlezi lapha kulobubusuku, amaphesente angamashumi ayisishiyagalolunye alezizethameli eziphakamise isandla sazo, okokuqala. Bayazi ukuthi bekukhona uMuntu othize obasizile. Ngenkathi ngibabuza futhi, baphakamise isandla sabo, bebengamakholwa angamaKristu, bakukholiwe.

200 Manje, ngenkathi uKleyophase nomngane wakhe, behamba besuka e-Emawuse, bekhuluma noJesu, bengazi ukuthi WayenguBani, ngenkathi Ebafaka ngaphakathi ngalobobusuku futhi wavala umnyango, Wenza into ethize njengoba Enza ngaphambi kokubethelwa kwaKhe, khona-ke bazi ukuthi akekho umuntu owayengenza lokho njengaYe, khona-ke bazi ukuthi Lowo kwakunguJesu wabo ofanayo, ngoba Wenza okufanayo nje *emva* kokuvuka kwaKhe njengoba Enza *ngaphambi* kokuvuka kwaKhe, futhi baqonda ukuthi

kwakunguYe. Wanyamalala ngokushesha, kwathi nje Esenze isimangaliso, waphela emehlweni.

201 Kodwa bagijima ngokushesha, futhi batshela wonke umuntu, "Impela iNkosi ivukile." Futhi bathola abanye abase bevele behlangene nokuvuka, ngokuMbona emva kokuvuka.

202 Ngikhuleka kuWe, Baba, ukuthi njengoba lababantu abathandekayo bewela lamagquma, behlela emadolobheni ehlukene, namakhaya abo, kwangathi bangakhuluma kulobubusuku. Futhi kwangathi mina, endleleni yami ngenyukela ekamu lami, kwangathi ngingakwazi ukusho nalabo abakanye nami, njengalezozinsuku, "Izinhliziyo zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho Ekhuluma kithi endleleni na?"

203 Woza kulobubusuku, Nkosi Jesu, sisondela ekupheleni kwesikhathi. Lesisifundazwe esikhulu saseCalifornia, ingxenye enkulu yabantu base-United States ivela lapha, izimfashini zithunyelwa zivela lapha. O Nkosi, phezulu le lapha kulababantu phezulu echibini, abaningi babo ezansi eLos Angeles nezindawo ezehlukene, makuthi uMoya oNgcwele waKho uze futhi, Baba, ukuze bazi ukuthi isibonakaliso sokuthi uMesiya uyasondela. Njenge—njengetshe legumbi nje, njengetshe lokuvala phezulu esivivaneni, lifanele lihambisane nse naso, onke amatshe afanele ahambisane nse nakho, kungenjalo angeke neze sivalwe phezulu.

204 Kunjalo nokuFika kweNkosi uJesu, iBandla lifanele lifaneleke *kakhulu*, ukuthi uKristu neBandla laKhe bayoba Munye, lapho befika, ngakho uMoya waKhe mawube namandla kakhulu kulobubusuku ezinhliziyweni zethu nasemhlanganweni wethu, ukuthi wonke umuntu uzoqonda ukuthi nguWe futhi abayikwesaba, bazokwazi ukuthi nguWe ngoba Unguye izolo, namuhla, naphakade. Lokhu siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

205 Manje, sizobiza umugqa omncane womkhuleko. Si... Ngibone cishe wonke umuntu lapha ube ngamaKristu. Futhi sizoba nokubizela e-altare njengoba siqhubeka, ngoba ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu akusikho okukhulu, ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kungokuncane. Kodwa amaphesenti angamashumi ayisishiyagalombili-nesithupha enkonzo yeNkosi yethu uJesu kwakungukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, lokho kwakuzofakazisa kubantu ukuthi WayenguBani.

206 Manje, bangaki abazovuma ukuthi engikushumayelile kulobubusuku ngumBhalo, yileyondlela Azazisa ngayo Yena uqobo na? Futhi bangaki owaziyo ukuthi Wethembisa ukuthi ngalolusuku lokugcina ukuthi Uyokwenza, Uyobuya futhi, enze into efanayo ngezinsuku zokugcina, ukuthi Wathi, "Imisebenzi engiyenzayo Mina, nani niyakuyenza"?

207 Futhi bangaki okholelwa ekwazini ngaphambili kukaNkulunkulu na? Ukuthi Yena, ukwazi ngaphambili futhi Ukhetha. . . Ukhetho lungokwaziphambili. Bese kuthi-ke uNkulunkulu eminyakeni, WayenoMartin Luther, WayenoJohn Wesley, Ubenamadoda kuwo wonke unyaka, ngosuku lokugcina Uzovusa into ethize, iBandla, ukuthi inkonzo yaKhe izoba. . . UMartin Luther, ukulungisiswa kwakungokukholwa, uJohn Wesley wayenokungcweliswa, umsebenzi wesibili womusa, iPentecost ibe nokubuyiselwa kweziphiwo, manje, into elandelayo ngukuFika kweNkosi.

208 Ngakho, lomlayezo wesiphiwo sokukhuluma ngezilimi, ukuhunyushwa kwezilimi, nezinto ezehlukene esibe nazo, manje usuyangena ngqo, kuze kube manje usuphezulu ehoreni leBandla engcosaneni ngesibalo, ngoba bayehla bevela kuWesley, uLuther, futhi kwehle njalo, manje sebekhuphukele ngqo esiqongweni setshe.

209 Manje, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Manje, bangaki owaziyo ukuthi uJesu washo lokhu, ukuthi "Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo Yena, naye"? Kunjalo. Washo lokhu: "Kuseyisikhashana nezwe," lolo wuhlelo lwezwe, "lingabe lisaNgibona," lowo ngongakholwayo, "akasayikuNgibona, kodwa nina niyakuNgibona," lelo yikholwa, "ngokuba Ngi," futhi u *ngi* yisabizwana somuntu, "Ngiyakuba nani, ngibe kini kuze kube sekupheleni kwezwe." Bangaki owaziyo ukuthi Wakusho lokho na?

210 Manje, lokho kuMenza. . . Manje-ke uma Elapha, uma uJesu evukile kwabafileyo, futhi Ulapha ngesimo sikaMoya oNgcwele, Uyikho konke Ayeyikho ngaphandle komzimba wenyama. Bangaki okwaziyo lokho na? Bangaki owaziyo ukuthi umzimba waKhe wenyama uhlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu uYise eNkazimulweni, enza izinxuselo na? Njengoba uNkulunkulu engenakuzibona izono zethu, futhi Ubuka ngeGazi likaJesu, okubomvu ngokubomvu kubukeka kumhlophe, siyakwazi lokho, nangeGazi elibomvu likaKristu, izono zethu ezibomvu, ziphenduka zibe mhlophe. "Noma izono zenu zibomvu, ziyakuba-mhlophe njengeqhwa."

211 Futhi Uhlezi lapho, kulobubusuku, njengomPristi oMkhulu, enza ukunxusela ekuvumeni kwethu. Uyakukholwa lokho na? AmaHeberu asho. Bangaki owaziyo ukuthi iBhayibheli lathi Unguye, khona manje, umPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu na? Kulungile.

212 Manje, uma EngumPristi oMkhulu ofanayo Ayenguye, khona-ke ubuyokwazi kanjani ukuthi uthinte Yena, uma Engenzanga njengoba Enza ngenkathi Elapha emhlabeni na? Uma E—uma Engesuye ofanayo. . . Ungahle uthi, "Awu, haleluya, ngiMthintile." Lokho kungahle kube njalo, kodwa uma

EsengumPristi oMkhulu ofanayo, Uzofanele enze ngokufanayo. Wenza kanjani ngenkathi Ethintwa lapha emhlabeni na?

213 Owesifazane omncane, ngesinye isikhathi Wayesendleleni yaKhe ukuvusa encane, intombazane efile . . .

214 Futhi uJesu wathi, "Angenzi lutho aze uBaba aNgibonise kuqala." Bangaki okwaziyo lokho na? UJohane oNgcwele 5:19, Wadlula ngasechibini laseBethesda, lapho izixuku, izinkulungwane zezinyonga, izishosha, izimpumputhe, nabashwabeneyo, Waphenya indlela yaKhe wadabula kulesosixuku waze Wathola indoda ilele ohlakeni, cishe njengalowomfo omncane olele lapho, ohlakeni, futhi Wathi . . . Wayiphulukisa leyondoda, ngoba iBhayibheli lakusho ukuthi uJesu wayazi ukuthi wayesebe ngalendlela iminyaka engamashumi amathathu nesishiyagalombili.

215 Manje, wayengaphuphuthekile, kanjalo wayengakhubazekile, wayengakedluli ekuhambeni, wathi, "Lapho ngehla, omunye uyangena phambi kwami." Niyabo, wayenga—wayengathola . . . wayekwazi ukuhamba, wayengesiyo impumputhe, wayengakhubazekile, futhi wayengena—engenakhanda elinamanzi, noma lutho, wayenesifo esibophekile, into ethile efana neTB, noma inkathazo yendlala yesinye, noma okuthize. Yena . . . Kwakubophekile, wayenakho iminyaka engamashumi amathathu-nesishiyagalombili, kwakungeke kumbulale. Kodwa uJesu wayekhonjiswe nguBaba ukuba aye lapho, futhi Wakwenza.

216 Ngaleyondlela efanayo ngaseSamariya, Wayeswelekile ukuba adlule eSamariya, Wayengazi ukuthi Wayezokwenzani. Ngenkathi Enyukela lapho Wabamukisa, futhi wacabanga, "Baba, kuyini na?" Lindani lapho, into yokuqala niyazi, nakhu kufika lona wesifazane. Wahamba wayokhuluma naye waze Wawubamba umoya wakhe, futhi wamtshela ukuthi yayiyini inkathazo yakhe. Manje, lowo kwakunguJesu izolo.

217 Manje, into kuphela engiyaziyo, bengifanele ngiye eJalimane, nakulo lonke elaseYurophu, ngiyongena e-Eshiya, emhlabeni jikelele, ngifike ngithi ngqu emhlabeni jikelele e-Australia naseNew Zealand, ngibuye. Kukhona okwenzekile, angikwazanga ukuhamba, ngohulumeni wase-United States, angikwazanga ukuhamba. Kulungile. Manje, ngenzeni na? Ngathi, "Mfowethu Borders, hamba uye ngale futhi ulungise eminye imihlangano."

Into yokuqala uyazi wathi, "Awu, nginakho *ngapha*, nasezansi *lapha*, nasezansi *lapha*."

Ngathi, "Kulungile kimi, anginakho ukuhola okuqinisekile."

218 Kodwa uBaba ungiholele lapha, ngilapha. Angikwazi wena, ukuthi ungubani. Manje, Uzokwenzani yena na? Uma Enguye izolo, namuhla, naphakade, Uyokwenza ngokufanayo izolo, namuhla, naphakade uma Engithumele ngapha. Ngabe kunjalo

na? Waya koyedwa kuphela lapho, kodwa lowo waya kuwo wonke umuzi futhi wabangela umuzi wonke ukuba ukholwe. Niyabo?

219 Manje, lona wesifazane, endleleni yaKhe enyuka ukuyovusa indodakazi kaJayiru eyayifile, manje, ngenkathi Esemgwaqeni phezulu lapho, owesifazane omncane, wayengakwazi ukuthola ikhadi lomkhuleko futhi angene emgqeni, njengoba kwakunjalo. Akakwazanga ukufinyelela kuYe, ngoba baningi kakhulu owayeMzungezile.

220 "Halo, Rabi, ngabe UngumProfethi waseGalile na? O, Uqonde ukungitshela...? Uzokwenza isimangaliso ngenkathi Uselapha nathi na? Uzohlala isikhathi esingakanani phakathi lapha na?" Okunye nokunye kanjalo.

221 Kodwa lona wesifazane omncane wayenomopho iminyaka eminingi, wayesethi, "UnguMuntu kaNkulunkulu. Uma ngingathinta umphetho wengubo yaKhe, ngizosinda." Niyayikhumbula indaba na? Futhi wahuquzela wehla wedlula kubo futhi wasonteka, wayesondela ngokwedlulele kancane. Mhlawumbe omunye amphushele emuva, futhi emva kwesikhashana wasondela ngokwenele, wathinta ingubo yaKhe. Manje, ingubo yasePalestine iyaxega, nengubo yangaphansi. Akakuzwanga ngaleyondlela. Ngakho, kuyakufakazisa umzuzu nje.

222 Futhi wathinta ingubo yaKhe, wabuyela emuva waphuma futhi wahlala phansi, njengoba unjalo, kumbe noma yini. Angahle ukuba wasukuma, angazi, kodwa noma ngabe kwakunjani, uJesu wama, wayesethi, "Ubani oNgithintile na? Ubani oNgithintile na?"

223 Ngani, uPetru waMkhuza, ngamany'amazwi wathi, "Ukhuluma ngani na? 'Ubani oNgithintile na?' Ngani, U—U—Ukhuluma njengomuntu obengazi ukuthi bebekhuluma ngani! Awu, wonke umuntu uyaKuthinta."

224 Wathi, "Yebo, kodwa lolu bekuwuhlobo oluhlukile lokuthinta." Yilolohlobo lokuthinta esilufunayo. Niyabo? Yilolohlobo esilufunayo. Wathi, "Ukhona oNgithintile, ngoba Ngibe buthakathaka." Bangaki owaziyo ukuthi lokho kuqinisile na? Ngani, kwathi amandla aphuma kuYe, futhi amandla ngamandla okuqina. Wathi, "Ngibe buthakathaka."

225 Futhi Waqalaza phezu kwalezozethameli waze Wathola owesifazane omncane, futhi wamtshela wathi wayenomopho, wayesethi, "Ukukholwa kwakho kukusindisile." Ngabe kunjalo na?

226 WaMthinta, futhi kwaMbangela ukuba aphenduke futhi akhulume kuye. Manje, uma Esenguye kulobubusuku, umPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu, uma nje uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho futhi uMthinte ngokukholwa kwakho, susa nje konke ukungakholwa,

nezinhlangano, namahlelo, nalokho u*S'bani-bani* akusho ngakho, suka nje kukho konke okwakho, futhi uthi, "Qhabo, ngikholwa ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu, ngi—ngiyagula, ngiyaMdinga," futhi—futhi ungaMthinta nje, khona-ke into ethize izokwenzeka kuwe, njengoba kwenzeka nje lapho, uma uzokukholwa. Uzokwenza wena uma Ezokwenza na?

227 Manje, asi. . .Ngicabanga ukuthi uBilly uthe ukhiphe cishe amashumi amahlanu noma ikhulu lamakhadi omkhuleko.

228 Asi. . .Ubani onekhadi lomkhuleko lokuqala na? Asiqale kwelokuqala, cishe. . .uma sizoba ngukubona okufihlakeleyo sizo. . .Bamba ikhadi lakho nje uma ngingafinyeleli kuwe kulobubusuku.

229 Kodwa ake sithole—ake sithole abanye phezulu lapha ukuze sizobona ukuthi uMoya oNgcwele uzokwenzani, ngenxa yabantu olapha kuqala.

230 Ikhadi lomkhuleko lokuqala. O, ngicela uxolo! Wenzile. . . Ukhiphe kusukela emashumini amahlanu, amashumi amahlanu kuya ekhulwini na? Bengicabanga ukuthi uthe elokuqala kuya ekhulwini.

231 Kulungile, ubani onekhadi lomkhuleko lamashumi amahlanu khona-ke na? Phakamisa isandla sakho. Inombolo yamashumi amahlanu. Kulungile. Amashumi amahlanu, amashumi amahlanu nanye, -nambili, -nantathu, -nane, -nanhlanu, -nesithupha, -nesikhombisa, -nesishiyagalombili, -nesishiyagalolunye, amashumi ayisithupha, amashumi amahlanu kuya emashumini ayisithupha, sukumani, namashumi ayisithupha kuya emashumini ayisithupha-nanhlanu. Kulungile. Mabasukume, wozani ngapha, uma ningama. Uma ungeke ume khona-ke abangenisi bazokuqukula futhi bakulethe ngapha, noma nje uphakamise isandla sakho, futhi sizobona. Makuthi abambalwa bame, nje noma ngabe kuyini, futhi nithole indawo yenu ezansi lapho. Futhi khona-ke sizo. . .

232 Kodwa manje khumbulani, wonke umuntu ophethe ikhadi lomkhuleko, uma nje nizoqhubeka nokuza, asikwazi ukuwathola onke kanyekanye, kodwa sizofika kini ngokukhulu ukushesha njengoba si. . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Niyabo?

233 Bangaki owaziyo ukuthi uDaniyeli umprofethi wabona umbono futhi wakhathazeka ekhanda lakhe izinsuku eziningi na? Ake sibone ukuthi bangaki abafundi beBhayibheli. Impela. Awu, uma umbono owodwa wenza uDaniyeli waba buthakathaka, ucabanga ukuthi ngiqhubeka kanjani nawo usuku lonke gulukunqu, nobusuku bonke gulukunqu, neviki lonke gulukunqu, nonyaka wonke gulukunqu na? Ngoba uJesu wathi, "Izinto eNgizenzayo, nani niyakuzenza, neziningi kunalokhu."

234 Manje, iKing James ithi *ezinkulu*, kodwa uthola ukuhunyushwa kwesi-Aramu sasekuqaleni bese uthola

uma kungasho ukuthi, "*Eminingi* kunale niyakuyenza." Ngamany'amazwi, Yena, uNkulunkulu wayeseNdodeni eyodwa ngaleyonkathi, manje uNkulunkulu usezweni lonke, UseBandleni laKhe, ndawo zonke.

235 Manje, siyazi ukuthi konke ukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba kwakuhlala kuJesu Kristu. Bangaki okukholwayo lokho na? Wayengukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba. Manje, konke okukaMoya okwakukuYe bekungafana nalelichibi phandle lapha, onke lawomanzi, uthi lokho bekungamanzi onke emhlabeni. Kodwa manje, wena nami sinesipunu nje samanzi agcwele avela kulelochibi, lowo nguMoya esinawo kithi. Kodwa amakhemikhali afanayo agcwele isipunu njengoba ekhona kulo lonke ichibi. Niyabo? Uhlobo olufanayo, imvelo efanayo, kodwa akusikho okuningi kwakho. Awu, leyo yindlela efanayo njengoba kunjalo lapha, hhayi okuningi kwakho kodwa uMoya ofanayo. Uyakukholwa lokho na?

236 Manje, ukubona nje ukuthi unabo bonke yini abantu ezansi lapho. Manje, kusasa ebusuku. . .Ngifuna ukusho okuthize lapha ngenkathi esabalungiselela. Bangaki okhumbulayo ngenkathi ngiqala ukungena enkonzweni, ngangisoGwini lwaseNtshonalanga, ngelula isandla sami ka*njalo*, nabantu babeke izandla zabo phezu kwaso, futhi—futhi ubungakubona ngesandla sakho uqobo, abantu ababenezifo, noma yiluphi uhlobo lwembewana na? Bangaki okukhumbulayo lokho na?

237 Manje, nina bantu abafanayo eniphakamise izandla zenu, bangaki okhumbulayo ukuthi ngabatshela ukuthi iNgelosi yahlangana nami, yathi, "Uma uzoba qotho, uthole abantu ukuba bakukholwe, kuyokwenzeka uyokwazi yona impela imfihlo yenhliziyo yabo"? Bangaki owaziyo ukuthi ngakuprofetha lokho na? Niyabo? Iqembu elifanayo liphakamise izandla zalo. Kulungile. Manje, kuyafezeka, Wakwenza ngendlela nje Asho ngayo. Manje kukhona okusha okwenzekayo. Kubuyela ngqo emathangeni abantu futhi ukukhulekela abagulayo.

238 Ngolunye usuku, lekwindla yokugcina beku, enye yezinto ezinamandla kakhulu yenzeka, ngingahle ngingene kukho kusasa ebusuku ngaphambi kokuba ngiqale leyonkonzo yokukhulekela abagulayo, ngento ethize eyayigqamile, ukuthi angikaze ngibone noma yini enjengayo empilweni yami. Kodwa Ungizelelee emuva ukuba ngikhulekele abagulayo. Uma uthola umlayezo, ukubona okufihlakele. . .

239 Manje, imibono ayisiyo nje into enibeka izandla phezu komunye nomunye. Bangaki abaziyo ukuthi iziphiwo nokubizwa kungaphandle kokuphenduka na? Impela. Akusiyo into ethize oyitholayo. Lapho uzalwa kulelizwe, uzalwa nalezoziphiwo. Bangaki okwaziyo lokho na? Impela, unjalo.

240 UMose, wayengenakuzibamba enguMose, wayengakwenza na? UJesu wayengenakuzibamba enguJesu. UJohane umBhaphathizi, iminyaka engamakhulu ayisikhombisa neshumi nambili ngaphambi kokuba azalwe, u-Isaya wambona, umprofethi, ethi wayeyizwi lomemeza ehlane. UNkulunkulu watshela uJeremiya, "Ungakabunjwa esizalweni sikanyoko, Ngakwazi, futhi ngakungcwelisa, futhi ngakubeka umprofethi ezizweni." Kunjalo. Niyabo? Yinto ozalwa nayo.

241 Manje, imibono kimi . . . Into yokuqala engiyikhumbulayo, ngangingakabi neminyaka emibili ubudala, ngiqagele, ngenkathi ngibona umbono wami wokuqala. Futhi bekukhona amashumi ezinkulungwane zayo, futhi akukho nowodwa wayo owake waba nephutha, niyabo, emhlabeni wonke, ndawo zonke. Lokho kungukuqinisekiswa kuphela kokuthi ngikhuluma iqiniso, ngufakazi kaNkulunkulu ukuthi kuyiqiniso, uJesu uyeza.

242 Manje, unga . . . Asi . . . Manje, siyazi ukuthi uJesu uza ngosuku ukuthi lapho izwe seliyolala futhi libe sivivi. Bangaki okwaziyo lokho na? Bangaki owaziyo ukuthi lona nguNyaka weBandla laseLawodikeya na? Abaluvivi, abantu nje, nje, awu, baya esontweni, futhi bathi, "Ngingowebandla," lokho kumayelana nakho, kodwa yilesosikhathi Afika ngaso. [UMfowethu Branham ungqongqotha phezu kwepulpiti—Umhl.] Vuka. Yini lezizinto okufanele zenziwe na?

243 Manje, angisho ukuthi Uzokwenza. Khumbulani, angiyilawuli imibono, imibono iyangilawula. Manje, kukhona abafikayo abasha lapha abangakaze babe semhlanganweni ngaphambilini. Manje ngifuna ukunibuza okuthize, bantu bakithi, ngaphambi kokuba kwenzeke noma yini, noma ngabe iyenzeka noma qha, angazi, kodwa uma kwenzeka njengoba nje umBhalo usho *lapha*, uzokholwa kuYe, futhi uMkholwe ngokuphulukiswa kwakho na? Phakamisa isandla sakho, uthi, "Nkulunkulu," kanje, "Ngi—ngizokholwa." UNkulunkulu akubusise.

244 Manje, lababantu e . . . Bangaki phandle kulezizethameli kuqala manje, ongenalo ikhadi lomkhuleko, futhi ufuna uNkulunkulu akuphulukise na? Phakamisa isandla sakho, awunalo ikhadi lomkhuleko, ufuna uNkulunkulu akuphulukise. Kulungile. Yiba nokukholwa nje, yilokho kuphela ofanele ukwenze, yiba nokukholwa, kholwa.

245 Buka phezulu lapha kulokhu, uthi, "Nkosi, leyondoda ayingazi, kodwa mangibe nokukholwa okwenele nje ukuba ngithinte ingubo yaKho. Bese kuthi-ke Uyaphenduka, ube naleyondoda, makuthi uMoya, ngiyazi bekungeke kwaba ngumoya wayo, ngoba awungazi, kodwa vumela uMoya oNgcwele waKho phakathi lapho, uma ingitshela iqiniso, phenduka futhi usho kimi njengoba Enza kowesifazane

owathinta ingubo yaKhe." Ubone ukuthi kwenzekani. Zama nje, ungakuzami, kwenze nje.

246 Manje, abaningi lapha . . . Bangaki emgqeni womkhuleko engingazi lutho ngani na? Phakamisani izandla zenu. Nina bantu enaziyo ukuthi anginazi, phakamisani izandla zenu. O, wonke umuntu na? Kulungile. Futhi phandle lapho, ukuthi angikwazi . . .

247 Manje, nginabanye abangani lapha, ngibona uMfowethu noDadewethu Palmer behlezi lapha abavela eGeorgia, bese kuthi-ke, emuva phakathi lapho ndawondawo nguMfowethu Fred Sothmann, noMfowethu Norman, futhi, wase-Arizona, ngiyazi balapha. Futhi balapha ndawondawo emhlanganweni, angibaboni, kodwa baphakathi lapho.

248 Futhi manje, zonke lezi zi . . . Futhi lona wesifazane, siyizihambi omunye komunye, siyizo, nenekazi na? Siyizihambi omunye komunye na? Siyizo. O, wawulapha emhlanganweni ngenkathi ngilapha ngaphambilini na? Kodwa ukuba mina ngikwazi, bengingeke ngazi. Kulungile.

249 Bangaki lapha abangakaze babone ngenkathi ngibeka isandla sami phezu kwabantu futhi ngibone ukuphendula esandleni na? Ake sibone isandla sakho. Kulungile. Sizothatha nje ezithi azibe zimbili kanjalo.

250 Woza lapha umzuzu. Manje, angikwazi, angikaze ngikubone empilweni yami, ngokwazi kwami. Ngi . . . Mhlawumbe selokhu ngaba lapha, ngibone isigidi sabantu kusukela ngaleyonkathi. Kodwa manje, uma . . . ngifuna wena, thatha isandla sakho . . . Manje, uma kuyinoma yini efana nokuhlupheka, njengesifo esithize samakhemikhali egazi, noma okhubazekile, noma isifo samathambo, noma okuthize, lokho akusiyo imbewana. Niyabo? Kuyothatha imbewana, okunye ukuphila.

251 Bangaki owaziyo ukuthi sivela embewaneni, ingqamuzana elilodwa na? Impela. Sivela kobaba bethu, okunombala ombomvu kuvela ebulilini bowesilisa, isifazane yiqanda. Kodwa leyombewana encane . . . Futhi owakho— umzimba wakho wenziwe ngezimbewana, kodwa wavela, ekuqaleni, embewaneni eyodwa evela kubaba wakho. Ngabe kunjalo na? Uhlobo olwehlukile lwembewana bese-ke lwenza ngakulokho. Yileyondlela uKristu ayenguNkulunkulu ngayo, ngenkathi uNkulunkulu eziletha Yena uqobo eNgqamuzaneni esibelethweni sikaMariya, futhi wazalwa, ukuba asisindise esonweni, ngaleloNgqamuzana leGazi eliphukile ukusindisa izwe, lapho.

252 Manje, uma kungukuhlupheka nje okuzofanele kubonwe ngenye indlela. Kodwa ake sibone uma kuyisifo sembewana. Uma kuzokwenzeka, niyabo, bekuyoba nembewana yokufa kuye ukuba imbulale, futhi bekuyongqangqazela uma nginogcobo lukaMoya oNgcwele lapha nami.

253 Yebo, mnumzane, kunjalo, kuyikho. Uphethwe yisisu. Kunjalo, akunjalo na? Phakamisa isandla sakho uma lokho kunjalo. Nakhu, unesisu esinezilonda ngaphakathi. Nibona kahle na?

254 Ngifuna ukunikhombisa okuthize, ngifuna nibuke isandla sami umzuzu. Niyabona ukuthi lesosandla sibukeka sivuvukele kanjani, lezozinto ezincane ezimhlophe zibhampa kuso lapho, zigijima phezu kwaso na? Niyabo? Manje thatha esinye isandla sakho *ngapha*, ukuze uzobona, phendula *lesi*sandla. Manje akukho lapho, esijwayelekile nje, esimhlophe, asivuvukele, isandla somuntu esijwayelekile nje, akunjalo na?

255 Kulungile, manje beka esinye isandla sakho phezu kwaso kanjalo. Manje, kubuke. Uyawubona umehluko wakho, ukuthi sikhukhumala kanjani, ubona lezozinto ezincane ezimhlophe zigijima phezu kwaso na? Ngikwaze kanjalo-ke. Kungukungqangqazela, "*Whewu*, *whewu*, *whewu*!" Yimbewana, uyabo. Manje, manje, niyabo nje akusikho lapho engibambe khona isandla sami, niyabo noma ngabe zikuphi.

256 Manje, bekungubani okuthiwe bebengakaze bakubone lokho na? Bekunguwe, Mfowethu Borders na? Ukubonile na? Omunye wayengitshelile ukuthi babengakaze bakubone futhi babefuna. Futhi, kulungile, woza lapha Mfowethu Folst. Bangaki owazi lomnumzane ohloniphekile lapha na? Phakamisa isandla sakho. Ngiqagele nonke niyamazi, uvela kulelidolobha lapha.

257 Ngifuna ubhekisise lapha, Mfowethu Folst. Nakhu ukuthi ngikwazi kanjani lokho. Manje, buka lapha. Awukaze—awukaze uyibone lenkonzo isebenza na? Kulungile. Manje, ngobunye ubusuku...Ngeke ngalifaka iwashi lesihlakala *lapha*. NgangineLongines yamadola angamakhulu amabili enginikwa yona evela kwaLichen ezansi lapha, yahlakazeka kokwami...epulpiti. Kwase kuthi-ke ngobunye ubusuku ngangine-Vulcain Cricket yamadola angamakhulu amathathu, nganikwa yona ivela laphaya. Futhi enhla lapho emhlanganweni ngobunye ubusuku...Bangaki uwayelapho ngenye intambama na? Futhi ngi...Phezulu lapha eKlamath Falls, futhi iVulcain Cricket yamadola angamakhulu amathathu yaxega esandleni sami. Izandla ziyaphuma kuyo, isiqu saphuma kuyo, sawa kuyo, ngokuthatha nje isandla somuntu kanjalo. Ngani na? Ngeke ngakutshela. Angazi. Kodwa awukwazi ukubamba iwashi kulokho.

258 Manje buka, ngifuna ubuke isandla sami. Uyabo? Uyabo? Thatha isandla sakhe, isandla sokudla nje, asibone, noma ngiqonde, isandla sakhe sokunxele, ngokufanayo nje. Manje bhekisisa lapho ngithinta lesisandla *lapha*. Nangu eza. Uyasibona sivuvukala na? Uyazibona lezozinto ezincane ezimhlophe zigxumagxuma kuso na?

259 Manje, uyabo, manje, kwakuyini—yini ethathe isandla sakhe sokunene na? Yileyondlela Angitshela ngayo, "Isandla sabo sokudla ngakwesokunxele sakho." Lowo nguye nesandla sakhe sokunene ethembisa ukukholwa kwakhe kimi, kunjalo, futhi ngimthatha ngesandla sokunxele ngesinye isandla sami kuNkulunkulu. Niyabo? Manje, ngeke kusebenze ngenye indlela.

260 Manje, ungakubona. Buka lapha, mfowethu, buka lapha, uyabo, ngibeka isandla sami esandleni sakhe. Uyabo? Phansi lapho okukhona, kuyafana nje. Niyabo? Manje nje thatha *lesi*sandla *ngapha*, manje bhekisisa ukuthi kwenzekani ngokushesha nje lapho ngithatha isandla sakhe. Nakho-ke. Uyabo, ukuthi sivutha kanjani na? Kufana nje nokuthatha *lokho okungako*, njengomsinga esandleni sakho, lezozinto ezincane ezimhlophe, niyabo? Manje hlala uthule nje ngempela. Manje, kuyasho ukuthi kuyini. Niyabo?

261 Manje, lokho kuyakuthola. Manje, ngabe kuzohamba na? Manje, dadewethu, u—uyakholwa manje na? Uyangikholwa ngempela na? Kulungile. Manje ngifuna wonke umuntu ahloniphe ngokuzithoba, futhi ngifuna ukhothamise ikhanda lakho. Manje ngifuna la—lamadoda amabili *lapha* ukuba ame lapha lapho engikhona. Manje, ngifuna niqaphele, bazalwane, niyabo, ukuze nibone ukuthi akusiyo indawo, lapho engibamba khona isandla sami, niyabo, lokho kwenza lezozinto ezimhlophe zigijime phezu kwaso futhi isenze siphenduke lokho. Niyabo?

262 Manje, ukubona ngokucacile, uyakubona, dade na? Ungakubona kahle lapho, lapho engikhuluma ngakho na? Uyabona ukuthi sikhukhumala kanjani futhi sibemhlophe, uyabo, siba ngokwangempela, izinto ezincane ezimhlophe na? Futhi uyabo, nokufakazisa kuwe ukuthi kukhona okwenzekayo, kuyazi ukuthi yini engalungile kuwe. Lelo yiqiniso ngqo. Uyabo? Manje, ubona into ethize. Manje, bhekisisa—bhekisisa lapha, ngibeka isandla sami kwesami. Uyabo? Uyabo? Nakho kufika. Uyabo? Uthi nje angangithinta lapho kuyaqala.

263 Manje, ngizo . . . Ngiyazi nobabili ningamaKristu. Manje khumbulani, lapho lezizinto ziphuma . . . Ngizozama ukukukhuza. Niyabo? Futhi uma kuphuma . . . Manje, iBhayibheli lathi ngenkathi be . . . ngenkathi omunye umfo ngesinye isikhathi ezama ukukhipha udeveli, futhi niyazi ukuthi kwenzekani. Ngakho manje, uma kuphuma, kuzoba okubanzi, kuzobe kwenza noma yini- . . . kuzoya kunoma ubani, futhi yinkathazo yesisu.

264 Manje, ngifuna nina ezethamelini ukuba—ukuba nigcine ikhanda lenu likhotheme. Futhi nampa ofakazi abathathu bemi lapha. Manje, angifuni wena. Yenyukela lapha. Niyabo? Niyabo, ngezinye izikhathi kushaya ongakholwayo. Niyabo? Khona-ke ukukhahlela kuvela emhlanganweni kuza kimi. Niyabo? Kodwa ngi—nginazi nonke, ngiza kini. Niyabo? Kulungile. Manje

bhekisisani, ngizovele nje ngiqinise isandla sami khona lapha. Niyabo? Niyabo? Niyabo? Manje, bhekisisa, futhi ubhekisise, nawe, nenekazi, isandla.

265 Manje sizokhuleka, wonke umuntu abe semkhulekweni kanye nami. Manje, bazobhekisisa. Manje, angi . . . UJesu wathi, "NgeGama laMi bayakukhipha amademoni." Awu, manje, uma lokho kuma khona manje, angisoze nganyakazisa isandla sami, uma kuma futhi kuphenduka njengalesosandla, kulungile, uma kungenzeki khona-ke angikwazi ukuzibamba. Manje asikhuleke.

266 Baba waseZulwini, ukuze iGama laKho likhazimuliswe, asiceli izimangaliso, kodwa Nkosi, lezizinkonzo ziyakhula, uJesu uyeza masinyane, ngikhulekela ukuthi Uzoba nomusa kudadewethu futhi uzomphulukisa. Nangu usekhulile, futhi akakwazi ukudla, Nkosi, lena yinto embi kabi, futhi okokugcina lapha, Waphulukisa owesifazane efa, futhi, ngento efanayo, kuphela embi kakhulu. Manje, Baba, ngikhulekela ukuthi Uzombusisa futhi umphulukise, eGameni likaJesu.

267 Manje, ku . . . Manje, angikawavuli amehlo ami okwamanje, kodwa, mfowethu, ngitshele, kusekhona njengoba nje bekunjalo. Ngabe kunjalo na? Akukasuki, akukasuki. Manje, sizofanele size ngegunya ukuba sikuxoshe sikukhiphe. Manje, asiceli kuBaba, nonke niyaqonda, angiceli kuBaba isimangaliso, ngoba yisizukulwane esibi nesiphingayo sifuna izimangaliso, kodwa ukuze wazi ukuthi UsenguMphulukisi.

268 Manje, ake sibheke futhi manje. Asibe ngempela—ngempela . . . Nisemkhulekweni ngamunye wenu, niyabo, nimbozwe yiGazi.

269 Manje, Baba waseZulwini, lamadoda ayabuka, lona wesifazane ubuka njengofakazi. Ngikhulekela owesifazane, akungabazeki ukuthi ukhulekelwe izikhathi eziningi. Kodwa, Baba Nkulunkulu, uma kukhona noma yini empilweni yakhe engalungile, khona-ke Baba, Kususe, niyabo.

270 Manje, uma kukhona okungavimba, noma, okungavimba lomoya, uma Ungakwenza kuhambe, uma kufanele kubuye. ngoba siyazi ukuthi kuzohamba futhi kuhambe ezindaweni ezomile futhi kubuye futhi, uma kungaphumelela. Kodwa uma ngempela ebona lonke leliqiniso nobufakazi obubonakalayo, uzokholwa ngenhliziyo yakhe yonke. NgiyaKucela ukuba ube nomusa.

271 Ngenkathi lona abantu esabuka, kukhona amehlo amadoda amabili nowesifazane ebuka ngqo isandla sami, ngenkathi amehlo ami esavalekile:

272 Sathane, wena moya ongcolile ongathatha owesifazane omdala ompofu kanje futhi umphathe kabi kabi, ngani, umubi, awunagunya lokumbamba, ungumKristu, futhi ngiza, eGameni likaJesu Kristu, ngimelene nawe. Ngiza ngifakazisa isiphiwo

sokuphulukisa ngokukaNkulunkulu ukukhulekela abagulayo, okungukuthi iNgelosi yangikhonza, eminyakeni eyishumi nane edlule, futhi yangitshela ngezinye iziphiwo ezizayo. Uyakwazi lokhu. Ngiyakuyala ngoNkulunkulu ophilayo, phuma kowesifazane, mshiye, suka kuye, ukuthi akusamkhathazi, eGameni likaJesu Kristu!

273 Manje, mfowethu, angikaze ngisinyakazise isandla sami, kodwa sekuhambile manje, akunjalo na? Ngabe sekuhambile ngaphambi kokuba ngivule amehlo ami na? [Umfowethu uthi, "Yebo."—Umhl.]

Kulungile, ungaphakamisa ikhanda lakho.

274 Manje, manje buka *lapha*, dade othandekayo, beka *lesi*sandla *lapha*. Uyabona ukuthi kubukeka kanjani na? Manje, uyabona ukuthi kubukeka kanjani na? Kuyafana nje njenge...Uyabo? Uyabo, impela nje. Manje, kukhona okwenzekile, bekungenjalo na? Inkathazo yakho yesisu isihambile, ukhululekile. Hamba uye ekhaya futhi ujabule, uthokoze, futhi ubonge iNkosi ethandekayo ngokuphulukiswa kwakho. Kulungile. UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Kulungile.

Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na?

Manje ake sibone ngalodade lapha. Ngabe siyizihambi komunye nomunye na? Siyizo. Kulungile.

275 Manje, wonke umuntu akahloniphe ngokuzithoba. Sizothatha isikhathi sethu nje ukuze nibe nokuzethemba, lapho sekufika isikhathi sokuba nikhulekelwe. Njengalababantu eBhayibhelini kulobubusuku, babenokuzethemba. UJesu wathi, "Uma Ngenza imisebenzi kaNkulunkulu, khona-ke kholwani yimisebenzi." Niyabo?

276 Manje, ake ngibe nesandla sakho umzuzu nje. Manje, unenkathazo encane yamanenekazi, kodwa lokho akusikho ngempela okuzele. Uyabo? Umzuzwana nje. Manje, lokhu kuzofanele kufike ngombono. Yebo, yisifo sikashukela, isifo sikashukela. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Uyabo? Bekungeke kukhombise *lapha*. Unenkathazo encane yabesifazane, kodwa akwenele ngalokho, ngoba ubengeke akuqaphele kakhulu lokho kakhulu, kodwa yisifo sikashukela.

277 Manje niyabo, lapho bekungeke neze kukhombise, ngoba leyo yingxenye yekhemikhali, isifo sikashukela, niyabo, yi—yikhemikhali, ngushukela egazini.

278 Manje, uma iNkosi uJesu ingama lapha futhi ingitshele ukuthi yini engalungile ngawe, njengoba nje Ibingakwazi ukutshela owesifazane emthonjeni, noma, imkhombise, ngabe nguJesu ofanayo na? Uyakukholwa.

Manje asikhuleke.

279 Baba wethu waseZulwini, siza eGameni leNkosi uJesu futhi sicela ukuthi lento embi isuke kudadewethu. Kwangathi angahamba futhi akhululeke kulokhu, futhi asinde. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

280 Manje, "Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo, uNkulunkulu uyakubavusa." Hamba manje. UNkulunkulu abe nani. [Udade uthi, "Lokho kuzophulukisa amehlo ami, futhi na?"—Umhl.] Uthini? ["Ngabe lokho kuzowaphulukisa amehlo ami, futhi na?"] O, impela, yilokho okukubangelayo, uyabo. Kunjalo. Futhi uNkulunkulu akubusise, dadewethu. Kulungile.

281 Woza, ntombi. Ngabe siyizihambi komunye nomunye na? Kulungile. Manje, ake sibone isandla sakho, *lesi*sandla ngapha ngaku*leli*cala. Ungojwayelekile. A-hha. Manje, kuzofanele kuthathe umbono kuye, niyabo.

282 Manje kungenjalo, inkonzo yami yasekuqaleni, bangaki owaziyo enkonzweni yami yasekuqaleni bengingeke ngazi neze ukuthi kwakuyini indaba ngowesifazane, niyabo, ngoba akukho kungqangqazela.

283 Manje ake sibone umzuzu nje. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Noma u—uyakukholwa engikufundisile kulobubusuku ukuthi kuyiqiniso na? Ngiyinceku yaKhe. Yebo, inkathazo yenhliziyo. Manje, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angayiphulukisa leyonkathazo yenhliziyo na? Uyakukholwa lokho, ukuthi Uzokwenza inhliziyo iphile. Uyintombazane esencane nje, manje, ukwethuka. Manje, uma Ezoyiphulukisa, ungaMnika udumo ngakho na?

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje.

284 Baba wethu waseZulwini, siyacela manje lokho eGameni likaJesu Kristu ukuthi amandla kaNkulunkulu azofika phezu kwalentombi, futhi kwangathi ingaphulukiswa njengoba ngibeka izandla zami phezu kwayo. Abantu . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . bayazi, Nkosi . . . [Akuqoshwanga eteyipini.] Ngabe lokho . . .? . . . [Akuqoshwanga eteyipini.]

285 . . . ngiqagele kanjalo, okokuqala. Kulungile. Manje, nansi indoda engingakaze ngiyibone. Lena yindoda. Manje, kwakukhona indoda eza eNkosini uJesu egama linguSimoni Petru. Niyayikhumbula indaba engishumayele ngayo kulobubusuku na? Kulungile. Manje, noJesu wakhuluma, wambuka ngale ehlezi lapho kulesosinqamu. Ningizwile ngenkathi ngishumayela kulobubusuku na? Wathi, "Igama lakho unguSimoni, indodana kaJona." [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

286 Manje, ukuthi uJesu usaphila na? Ngabe izethameli ziyakukholwa lokho na? Kulungile. Uma lowoJesu ephila, futhi ngingufakazi weqiniso waKhe, khona-ke ngi—ngiyazinikela ngesiphiwo . . .

Manje, uma ubungathi, "Ngiphulukise."

287 Ngani, Ubeyothi, "Sengivele ngikwenzile." Bangaki okholwayo ukuthi Usevele ukwenzile emuva lapho eKalvari ngenkathi Efela wena na? "Yalinyazwa ngenxa . . . " Impela.

288 Kodwa manje, ukunazisa ukuthi Uyaphila lapha ukuqinisa iZwi laKhe, Angahle akutshele into ethize njengoba Enza kuPetru, noma abanye babo, Ubeyokutshela okuthize ngakho. Lokho . . . Uma uNkulunkulu ezongitshela ukuthi iyini inkathazo yakho . . .

289 Manje, ake sibone nje uma Ezokwenza, ngikholwe nje njengenceku kaNkulunkulu. Kulungile. Uthi uyazi ukuthi Uzokwenza. Impela, yikhala lakho. Kunjalo. Lelo yikhala lakho. Manje, uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho.

290 Manje, omunye uthi . . . Manje, ngikubambile lokho. Ungakucabangi lokho manje. Ungakwenzi lokho, lokho kuyangivimbela. Niyabo? Angizange ngikuqagele lokho, lokho bekungesikho ukuqagela. Niyabo? Qhabo.

291 Umzuzu nje. Ubonakala eyindoda ekahle kakhulu. Yima unganyakazi umzuzu nje, yima nje unganyakazi, mnumzane. Yebo, mnumzane. Yikhala lakhe, unohlobo oluthile lwento ethize encane engena kulo, uhlinziwe ngenxa yakho. Kunjalo. Yebo, mnumzane. Lahlinzwa, futhi ku—kubonakala sengathi into iyabuya futhi, wuhlobo oluthize lwe, olufana, izimila noma amathumba, njengokuthi, ekhaleni. Kunjalo. Kubonakala sengathi akwenzi kahle. Kunjalo, akunjalo na? Lokho akusikho ukuqagela.

292 Ake ngikutshele okuthize. Ngibona owesifazane evela, ngumkakho. Usekhaya. Uyakukholwa lokho . . .? Uyakhuleka, uyagula. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angembula kimi ukuthi iyini inkathazo yakhe na? Unenkathazo yenhliziyo nesifo samathambo, lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani na? Mnu. Boggs, hamba uye ekhaya futhi uphile, uJesu Kristu uyakusindisa uma ukukholwa. Kholwa . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

293 . . . izihambi komunye nomunye, dade na? Kade use . . . Kodwa ngiqonde phandle e . . . angi . . . a . . . Awukaze uhlangane nami, siqu sami, angikaze ngihlangane nawe. Kodwa uma iNkosi uJesu, nangu owesifazane, uma iNkosi uJesu ingangitshela okuthize ngawe, njengowesilisa nowesifazane, njengaYe nowesifazane emthonjeni, lowo kwakuyindoda lapho, manje, njengowesifazane emthonjeni, uma Engangitshela into ethize ngawe oyaziyo futhi angazi, ukuthi uzele ini lapha, kungahle kube ngokomunye umuntu, kungahle kube yinkathazo yezezimali, kungahle kube yinkathazo yasekhaya, kungahle kube ukuthi uyagula, angazi, kodwa uma Ezongitshela, uzoMkholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na?

Ngabe bonke abesifazane phakathi lapha bazokholwa ngayo yonke inhliziyo yabo na? Kulungile. INkosi isiphe khona.

Lelonenekazi elihlezi khona lapho linemithambo evuvukalayo, uyakholwa ukuthi uJesu Kristu uzokusindisa na? Ubukhuleka, ubungenjalo na? Kulungile.

Uthinteni yena na? Uthinte umPristi oMkhulu, uJesu Kristu.

294 Ngibone owesifazane emi lapha phambi kwami nento ethize, sengathi cishe impela igazi ligeleza emithanjeni, bekungesuye lona wesifazane, ubethe ukuba qatha kancane kunalona wesifazane. Ngibhekile, ngase ngicabanga, "Kukuphi lokho na?" Ngase ngibheka, ngase ngibona lokho kuKhanya. Bangaki osibonile lesosithombe salokho kuKhanya na? Kulungile. Ubemi phezu kowesifazane lapho, ezungeza, ngimbonile, leyo bekuyinkathazo yakhe. Niyabo? Yebo, mnumzane. "Uma uzokholwa!"

295 Uhlezi lapho neduku lakho lisesandleni sakho naleyomfiva ethimulisayo, uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa, nawe na? Kulungile. Uthinteni wena na? Manje, leso akusiso isifo. Ngiyakubona uthwele, ubambe isixheke-. . ., uthimula, uqhubeka, uyabo. Yiba nokukholwa nje, uzosinda, nawe.

UyaMkholwa ngenhliziyo yakho yonke na?

Unethumba emhlane. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu ubengakuphulukisa na? Ngabe kunjalo na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angakususa na? Kulungile.

Baba wethu waseZulwini, ngikhulekela ukuthi Uzobusisa owesifazane, futhi umsindise, njengoba ngimbusisa, eGameni likaJesu. Amen.

Hamba, kwangathi iNkosi ingakubusisa.

UMoya usalokhu usesakhiweni.

296 Uhlezi lapho unomongozini, ucabanga ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa na? Ubukhala, ukhuleka, "Nkosi, makathinte. . . Makangibize." Uma lokho kunjalo vayizelisa isandla sakho emuva naphambili *kanje*, wena ohlezi lapho. Niyabo? Bengingazi kanjani ukuthi ubukhuleka mayelana nani na?

297 Aniqondi yini ukuthi uJesu Kristu uvukile kwabafileyo na? Uthinteni na? UmPristi oMkhulu ofanayo lowo wesifazane omncane amthinta owayeno—nomopho. Angimazi owesifazane, angikaze ngimbone empilweni yami. Awu, uhlezi emayadini angamashumi amabili ukusuka kimi, futhi uthinte *Yena*, Waphenduka, wathi, "Buka *laphaya*." Ngikubonile ukuKhanya kwaKhe laphaya, futhi ngibonile ukuthi ubephethwe yini. Futhi nakho-ke, owesifazane uzosinda, uzoba kahle. "Uma nje uzokholwa!"

298 Manje noma yimuphi wenu, ngiphosela inselelo ukukholwa kwenu, eGameni likaKristu, noma yikuphi, ukuba nikukholwe. Kulungile.

Wena nami siyizihambi komunye nomunye na? Ngiqagele lesi yisikhathi sethu sokuqala sokuhlangana.

Manje hloniphani ngokuzithoba nje, umzuzwana nje.

Uma iNkosi uJesu izokwembula kimi okuthile ngawe owaziyo ukuthi angikwazi, ngabe kuzokwenza ukholwe ngalokho o...?

Ngabe kuzokwenza izethameli ngaleyondlela, futhi na?

299 Yisifo samathambo, unesifo samathambo. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Ukuze kususe ukuqagela, uyabo, unokuthile engqondweni yakho okukukhathazayo nje ngempela, kabi ngempela. Manje, uma iNkosi izongembulela lokho, uzongikholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Ngumyeni wakho. Akekho lapha, akekho ngisho kulelidolobha, ukwelinye idolobha othiwa i-Ukiah noma into ethize efana naleyo. Unesifo esingumbulali, sibizwa ngeParkinson, isifo iParkinson. Kunjalo.

300 Unomuntu okanye nawe kulobubusuku, futhi, ofuna akhulekelwe, ngumzukulu omncane, unenkathazo yeso. Igama lakho unguNkk. Zigler. Kulungile. Hamba futhi ukholwe ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi ungaba nakho okucelayo.

301 "Uma ukholwa!" Ngabe—ngabe uyakholwa manje ngayo yonke inhliziyo yakho na?

302 Manje bukani, ukuze nazi, nje, ngizoba nalelinenekazi, beka nje isandla sakho kwesami, nenekazi. Wena...Uma iNkosi izongembulela ukuthi iyini inkathazo yakho, uyangikholwa na? Khona-ke inkathazo yakho yenhliziyo isiphelile. Hamba, ukholwe, uphiliswe. Yiba nokukholwa kuNkulunkulu, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

303 Bukani lokhu: Uyakholwa ukuthi isifo sakho samathambo sizokushiya na? Kulungile, kulungile qhubeka endleleni yakho, uthi, "Ngiyabonga Jesu othandekayo." Yebo, mem. Kholwa nje ngayo yonke inhliziyo yakho.

304 Ukuba-ke bengingashongo lutho kuwe, ngabeka izandla nje phezu kwakho, ubungacabanga ukuthi ubuzosinda na? EGameni likaJesu Kristu, hamba usinde. Amen. Yiba nokukholwa manje.

Unokwethuka. Awukholwa ukuthi uNkulunkulu angakuphulukisa, akusindise na? Hamba nje ukholwa, Ukwenzile, Uzokusindisa.

Uyakholwa ukuthi iqolo liphulukisiwe ukhuphuka ngezitebhisi na? Qhubeka nje uhamba, uthi, "Ayibongwe iNkosi," futhi usinde.

305 Bangaki khona lapho okholwayo ngayo yonke inhliziyo yakho na? Uqinisekile ukuthi uJesu usaphila na? Manje, uqinisekile na? U*yazi* na? Nanti iBhayibheli lami phezu kwenhliziyo yami, uJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade. Uyakukholwa na? Ngikufunda eBhayibhelini

lapha ukuthi Uyakwenza, Wakwethembisa, Ukwenzile izolo, Uyakwenza namhlanje. Manje, mayelana nokuphulukiswa, ukuphulukiswa kwakho sekuvele kuthengiwe eGazini, uyakukholwa lokho. "*Ya*linyazwa ngenxa yeziphambeko zethu; ngemivimbo yaYo siphulukisi*we* thina," inkathi edlule. Kodwa Uqinisa iZwi laKhe ngokuba lapha ukunazisa ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade. Niyakukholwa nonke lokho ngenhliziyo yenu yonke na?

306 Manje, mangaki amakholwa elilapha na? Phakamisani izandla zenu. Manje, uma uNkulunkulu egcina iZwi elilodwa, Ugcina onke amaZwi. Ngabe kunjalo na? Manje, ngabe Wakusho lokhu: "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo, uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda"? Bangaki okukholwayo lokho na? Kulungile, khona-ke nonke ningamakholwa. Manje bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, bekani nje izandla zenu phezu komunye nomunye, kunjalo. Nakho lapho okhona. [Udade umemeza kakhulu eMoyeni—Umhl.] Yileyondlela okuhamba ngayo, lokho kuyenzeka. Anazi yini ukuthi Ulapha na? Bekani izandla zenu phezu komunye nomunye, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo, uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda."

307 Lezizibonakaliso ziyakulandela bani na? Ikholwa, ikholwa. Manje khulekela umuntu obeke izandla zakho phezu kwakhe. Ungazikhulekeli wena, khulekela umuntu obeke izandla zakho phezu kwakhe.

308 Baba wethu waseZulwini, siletha lezizethameli kuWe, eGameni likaJesu Kristu, uMoya oNgcwele olapha manje, enikeza ubufakazi, ethulula uBukhona baKhe, azisa wonke umuntu ukuthi Ukhona, ukuthi Akafile, ukuthi Uphila kuze kube phakade, futhi Uyakwazi ukusiza labo abeza kuYe, ukubanika ukuphulukiswa. Izethameli ziyazi ukuthi kukhona isiDalwa esingaphezu kwemvelo phakathi kwazo kulobubusuku, uMoya oNgcwele owembula imfihlo yenhliziyo, ukuthi ukuFika kweNkosi uJesu sekuseduze. Lamakholwa abeke izandla zawo phezu komunye nomunye, ayakholwa.

309 Baba, Nkulunkulu, Ufakazile ukuthi Wena ulapha, ngizwe, Nkosi. Ngikhipha bonke omoya bokungakholwa, mawusuke kulesisakhiwo, mawusuke kubantu, into kuphela engabavimba ukuba baphulukiswe.

310 Sathane, wehluliwe empini, udaluliwe, udaluliwe lapha kulobubusuku. Ngiyakuyala, eGameni likaJesu iNdodana kaNkulunkulu, phuma kulezizethameli, phuma kubantu, njengoba bebeke izandla zabo komunye nomunye! Ngibanika ukuphulukiswa kwabo, eGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu.

311 Gcinani izandla zenu ziphezu komunye nomunye. Qhubekani nikholwa, ninokukholwa, futhi njengoba amandla kaNkulunkulu efika phezu kwakho, khona-ke yima ngezinyawo zakho futhi unike uNkulunkulu udumo.

312 Kulungile, Mfowethu Folst.

